


AMAHBERU, ISAHLUKO SESINE

 ...ngukwazi kakhulu ngeNkosi yethu ebusisiweyo. Naleyo yinhloso yethu—yethu yokubuthana lapha, kungokwaleyonhloso, futhi, manje, nokukhulekela abantwana bakaNkuunkulu abagulayo. Futhi kulokhu ukusa sibe nesi—sibusiso esimangalisayo esivela emiBhalweni.

² Sizama ukuthatha, ngasinye isikhathi senkonzo, ingxenge ye...Ngifundisa eNcwadini yamaHeberu, kade ngifundisa ngayo, sekungamaviki athi awabe mabili edlule manje. Futhi manje, uma iNkosi ithanda, sizoqhubeka ngoLwesithathu ebusuku, bese—ke kuba ngeSonto ekuseni nangeSonto ebusuku, ngo—ngo, inqobo nje uma ngizoba lapha ngalesisikhathi. Hhayi imvuselelo, kodwa yimvuselelo, umhlangano ebusukwini bethu banjalonjalo. Futhi ngakho sijabula kakhulu, kakhulu ukuba nalesisikhathi ukubonana nabangani bethu abalungileyo bangakhona lapha emadolobheni, nangakhona lapha emaDolobheni aseFalls lapha. Futhi uma—uma bekungenzeka sibe nokwesula noma into ethize, kungahle kube ngukuthi kungahle ukuba iNkosi iyasihola, masinya nje, uku...mhlawumbe besingahle sibe nobusuku obumbalwa, mhlawumbe, ejimini noma okuthize, emva kwesikhashana, uma iNkosi ibonakala ihola ngaleyondlela, endaweni lapho ebesingathola khona abantu bakithi bendawonye.

Futhi sibabonile abantu njengoba ubekhuphuka, bebuyela emuva, bethi, “Bekungesiyo indlu yokuba ku—kungenwe kuyo.” Kusobala, itabernakele lincane kabi kabi. Lihlala nje abantu abayingcosana kakhulu, kakhulu, futhi nje sijabula kakhulu ukuthi niyathanda ukuphuma futhi nihlale ekushiseni, ukuzwa iZwi leNkosi. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzothi ngokweqile, ngokukhulu anibusise futhi anisize.

³ Futhi manje, kulobubusuku, sifuna, siqala kwese 4 icha... Bangaki obelapha kulokhu ukusa na? Ake sibone izandla zenu. O, lokho kuyamangalisa, ngokuyikhona impela nonke. Futhi sise, siqala nge, isahluko 4 seNcwadi yamaHeberu. O, iNcwadi eyisimangaliso kanje pho! NiyaYijabulela na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Futhi iqhathanisa umBhalo ngomBhalo.

⁴ Futhi uPawulu, ngaphambi kokuba aze afakaze esehlakalweni sakhe, kuqala wayedingeka ukuba ehlele eArabiya futhi athole, ngeZwi ukuthi ngabe laliyiQiniso yini. Ngiyakuthanda lokho. Futhi isifundo sakulokhu ukusa, sitholile, ekufundiseni kulokhu ukusa, ukuthi uKristu wayenguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi uPawulu wathola ukuthi iNsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bakwaIrayeli, yayidibane naye esendleleni ebheke eDamaseku. Sithole

ukuthi iNsika yoMlilo, eyahola abantwana bakwaIsrayeli baphumela ehlane, baya ezweni elithenjisiwe, yadibana noPawulu esendleleni ebheke eDamaseku, futhi Wazibiza ngo, “Jesu.”

⁵ Bese-ke sithola ubuNkulunkulu bukaJesu Kristu obukhulu ngempela. Yonke iNcwadi lapha nje iyisambulo sikaJesu Kristu. Futhi Uyafika, sithola ukuthi, “Emandulo ngezikhathi eziningi nangamathuba amaningi, uNkulunkulu wakhuluma kobaba ngabaprofethi; ekugcineni kwalemihla ngeNdodana yaKhe, uKristu Jesu.” Uzembule Yena uqobo. NeNcwadi kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni akulutho kodwa esisodwa sanjalonjalo, esingapheliyo, isambulo seNkosi uJesu.

⁶ Futhi sithola ukuthi Waba nguYe owayesesihlahleni esivuthayo. Sithola ukuthi WayenguYe owayenoNkulunkulu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Futhi siyakuthola lokho, eTestamenteni eLisha, WayenguNkulunkulu noMuntu, kanyekanye. Kwase kuthi-ke ngenkathi Eseshiya iTestamente eLisha, ukuba ayongena eZulwini, Wathi, “Ngavela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu.”

⁷ Kwase kuthi-ke ngenkathi uPawulu edibana naYe, Wayesesesimweni esifanayo Ayekuso ngenkathi Ehola uIsrayeli, iNsika yoMlilo. NoPawulu waMbuka ebusweni ngqo, engaphendukile, futhi Kwambangela ukuba abe nenkathazo yamehlo zonke izinsuku zokuphila kwakhe. Waphuphutheka, futhi izinsuku eziningana wayengaboni lutho nhlobo. Wadingeka aholelwe esitladini esithiwa siQondile.

⁸ NoNkulunkulu wayenomprofethi ezansi lapho Akhuluma kuye, ogama linguAnaniya, owangena, ngombono, wayesebeka izandla zakhe phezu kukaPawulu, wayesethi, “Sawulu mzalwane, buye ubone.”

⁹ Futhi siyathola, manje-ke, ukuthi lowoMoya oNgcwele ofanayo, leyoNkosi uJesu efanayo, yafika kuPetru ngesimo sokuKhanya yayisimkhulula imkhipha etilongweni.

¹⁰ Futhi sithola ukuthi leyoNkosi uJesu efanayo, ngalezizinsuku, isekuyo leyoNsika yoMlilo (ukuKhanya) ehola abantu baYo (iBanda laYo), yenza into efanayo, inikeza imibono; iyangena futhi ibeka izandla phezu kwabantu, ngombono. INkosi uJesu Owahlangana ngeSonto eledlule ekuseni endlini, wayesethi, “Kwakukhona indoda ezayo, inekhanda elimnyama, isiqhakaza. YayiyiGrecki. Umkayo wayengophakathi nendima yempilo, futhi wayezobe ekhala izinyembezi e altare.”

¹¹ Abanye babo base bekuxoxile, futhi bazi ukuthi kwakwenzeka. Yayikhubazeke kokubili, umthambo o—obhalansayo ekhanda layo wawungasekho. Yayingakwazi ngisho nokuba nokulawula izinyawo zayo noma izitho zayo. Futhi yayiyimpumpithe. Futhi ukukwenza kufakaziseke kabili: nganginenenekazi elincane ukuba lize likhulekele abagulayo,

kuqala, lase lijika libuyela emuva ngase ngiba noMfowethu Tom ukuba eze akhuleke. Futhi thina, sihlezi lapha, sikubona kukhula. Ngase-ke ngehla ngase ngikhulekela abagulayo, ngase ngibuyela emuva. Futhi uyeza owesifazane, njengakho impela nje okombono, wayesengibamba ngengalo futhi uqala ukukhala izinyembezi, wayesethi uDr. Ackerman wayebathumele lapha. UDr. Ackerman ungumngani wami wesifuba, iKatolika. Umfana wakhe ungumpristi emzini wezindela zesilisa e—eSaint Meinrad, nasezansi eIndiana. Nalendoda yayingeyaseJasper. NeNkosi yayiphilisa, yaphuma kulesosihlalo esinamasondo. Yasukuma yahamba. Yakwazi ukubona kahle njenganoma ubani omunye. Futhi yaphuma endlini, iphile ngokwejwayelekile futhi isindile. Konke ngombono!

12 “Sawulu mzalwane, iNkosi uJesu eyabonakala kuwe endleleni, ingithumile ukuze ngibeke izandla zami phezu kwakho, ukuze ubuye ubone futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele.” Kuyamangalisa.

13 “Siyathola-ke, lokhu sinalokhu ukusindiswa okungaka, asifanele. . . Sasingenakuphunyuka ezinhlawulweni nasolakeni lukaNkulunkulu, uma sidebesela ukusindiswa okungaka.”

14 Manje sizoqala ukufunda, kulobubusuku, phandle, futhi siqale isahluko 4 seNcwadi yamaHeberu. Uma noma ubani efuna ukuhambisana ngokulandela, sinamanye amaBhayibheli lapha. Uma bebelifuna elilodwa, ngani, omunye wabangenisi uzokulethela lona, uma uphakamisa isandla sakho, lama—lamaBhayibheli. Uma omunye wabazalwane lapha ezothatha. . . KunamaBhayibheli amabili abekwe lapho, ngiyakholwa.

15 Futhi manje sizosheshisa, ngoba sinesidlo emva kwesikhashanyana. Nalapho esithola ukwenza khona kulobubusuku, ngoLwesithathu ebusuku siyaqala futhi. Manje, ngiyakholwa, kulokhu ukusa ekufundeni kwethu, siqale evesini 15.

16 Omunye, mhlawumbe akangazi ngifaka izibuko, ukuba ngifunde ngazo. Sengigugile. Futhi ngisangafunda, kodwa angikwazi ukukucosha ngokushesha, kakhulukazi uma ngithola umbhalo omncane lapha, okuprintwe kwakuncane.

17 Futhi ngahamba ukuba ngiyohlolwa amehlo ami, ukubona ukuthi ngabe ngangilahlekelwa yini ngempela ukubona kwami. Amehlo ami ayebuka ngokuyishumi—eshumini. Wathi, “Kodwa sewedlule emashumini amane, ndodana.” Wayenento athi angiyifunde, wathi, “Qala ukufunda lokho.” Ngakufunda. Futhi ngangilokhu ngisondela, kwakuya ngokuba phansi ngokuba phansi. Futhi kwaze kwathi akube *ngaka*, ngama. Wase ebeka ngaphandle lapho ishumi—eshumini, ngangikwazi ukukufunda noma yikuphi. Kodwa wathi, “Okuyikho ngukuthi, uma wedlula emashumini amane, izinhlamvu zamehlo akho ziba yisicaba.”

¹⁸ Manje, ngingabuka sanxemu ngamehlo ami futhi ngifunde nje kusondele *kangako* kimi, kodwa ufanele ubuke sanxemu. Ngakho, wangenzela nje amapheya ezibuko. Ngiyakwazi ukukubona, nomaphi, uma kusondele ngempela kimi. Manje, uma kusuka kimi, angikwazi nhlobo ukubona ngalezizinto. Kodwa ngiyazifunda, ngifunde kulokhu ngezibuko.

¹⁹ Manje, kulokhu ukusa, sibe nengxenye yokugcina yesahluko 3 samaHeberu. Futhi, o, iminyombo ecebe kanje pho esiyitholayo. Manje lalelani. Ngifuna ukufunda futhi, ukuze sithole isendlalelo manje. Hhayi ukukhuluma ngakho, kodwa nje ukuthi ukwedlula kukho kancane.

Uma kuthiwa, Namuhla uma ni . . . lizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni-izinhliziyi zenu njengasekucunuleni.

Pho-ke, bona, bezwa iZwi, abezwayo iZwi, bacunula: akusibo bonke abaphuma eGibhithe ngoMose.

²⁰ Manje, kulokho, kulokhu ukusa, sithola ukuthi Wathi, “Ningayenzi-lukhuni inhliziyi yenu manje, njengasezinsukwini zokucunula.” Lokho kungenkathi beacunula uNkulunkulu ukuba athukuthele, ngenxa yokuthi Wayebanike uMose, umprofethi waKhe, nesibonakaliso ayenaso ngoMose. Bangaki, beklasi kulobubusuku, owaziyo ukuthi lesosibonakaliso sasiyini na? INSika yoMlilo, amaHeberu 13.

²¹ Manje, asazi noma ngabe inhlango yebandla yasibona lesosibonakaliso noma qha. Kodwa uMose waSibona, ngokuba uMose kuqala wahlangana naSo esihlahleni esivuthayo. WayenguMlilo. Nabantwana bakwaIsrayeli bamlalela uMose, futhi basuka eGibhithe. Futhi bathi nje bangaphuma eGibhithe, uNkulunkulu, sitholile, wabaholela ngqo esicuphweni. Lapho, impi kaFaro yayisemva kwabo, uLwandle oluBomvu ngapha nangapha, noNkulunkulu wabafaka ekuhlolweni; futhi besaba. Futhi kwamcunula uNkulunkulu. Wathi, “Ungikhalelani Mina na?” Wathi, “Khuluma nje futhi uqhubekele phambili.” Ngiyakuthanda lokho.

²² Manje, babelandela uMose, lapho uMose elandela iNsika neFu, futhi babesendleleni yabo beya ezweni elithenjisiweyo. Isithombe esihle seBandla, kulobubusuku, sisendleleni yethu ebheke eZweni elithenjisiweyo, siholwa nguMoya ofanayo, izibonakaliso ezifanayo nezimanga njengoba uNkulunkulu akhuluma ngazo.

²³ Manje qaphelani. Manje-ke, bafika eHlane leSono. A-amanzi aye “baba,” *Mara*. Kungani uNkulunkulu abaholela emanzini amaningi ababayo na? Kubukeka sengathi wayezofanele abaholele emanzini amahle. Kodwa Wabaholela emanzini amaningi ababayo ukuze Avivinye ukukholwa kwabo. Uyathanda ukukwenza. Uyathanda ukudedela izinhlupheko zifike phezu kwakho, akhombise ukuthi Angakukhombisa

uthando lwaKhe namandla aKhe. Bangakwenza kanjani abantu, namhlanje, ongakholelwa ekusebenzeni kwezimangaliso zikaNkulunkulu. . . Nxa kufika izinhlupheko, bavele bayeke nje bese beqhubeka. Kodwa sikholwa ukuthi “uNkulunkulu usebenza izimangaliso.” Ange. . . UNkulunkulu une. . .

²⁴ Lalelani lokhu. Uma uNkulunkulu engenzi ngokufanayo, nxa kuvuka izimo ezifanayo, khona-ke uNkulunkulu unecala ngokuba ngobandlululayo kubantu baKhe. Ukuzibusa kukaNkulunkulu kuyaphoqa kuYe ukuba asebenze lonke udaba njengoba Enza odabeni lokuqala, kungenjalo Wayenephutha ngenkathi Esebenza odabeni lokuqala. Uma uNkulunkulu engenzi ngendlela efanayo Enza ngayo odabeni lokuqala, uma Ezokwenza okwehlukile odabeni lwesibili, khona-ke Wenza ngokuyiphutha ngenkathi Enza odabeni lokuqala. Uma uNkulunkulu aphilisa abagulayo eTestamenteni eLidala, Uzofanele akwenze eTestamenteni eLisha nanamhlanje, kungenjalo Wenza ngokuyiphutha ngenkathi Ebaphilisa emuva lapho. Uzofanele enze ngokufanayo, ngaso sonke isikhathi. Futhi Uzokwenza, nxa ukukholwa okufanayo kuhlangana nesimo esifanayo. Iphutha likithi, hhayi kuNkulunkulu. Ngokuba siyaMbona kokunye, nokuningi, esebenza ezigqamile kakhulu izimangaliso. Siyakwazi. Umgxeki angeke athi, “Akunjalo.” Ngokuba siyaKubona kukufakazela, futhi nakho.

²⁵ Babevame ukuthi, “Ngikhombise isimangaliso.” Ngeke besakusho lokho. Isayense ingeke isakusho. Singakufakazisa uqobo ezweni lesayense. Nezwe lesayense lizibonele ngamehlo loboBukhona obungaphezu kwemvelo, busesimweni seNsika yoMlilo, bunathi. Nasi isithombe saBo, khona lapha, nesinye silenga eWashington D.C., kulobubusuku. NguKristu ofanayo.

²⁶ Ngakho-ke, njengesikhashana, abazalwane bami abakhonzisayo babevame ukungitshela, “O, Mfowethu Branham, lowo nguDeveli. Ungazilulazi ngalokho.” Bangesabisa.

²⁷ Futhi ngangingakushumayeli kwaze kwafika uNkulunkulu futhi wakwembula, ukuthi, “Nguyena lowoJesu, Ofanayo.” O, manje-ke uzama ukukuthintitha kimi na? Ngeke kwenziwa. Ngokuba, ngumBhalo. YiZwi likaNkulunkulu. Akusiso nje isehlakalo esixegayo. Yisehlakalo esesekwa yiZwi likaNkulunkulu nesithembiso esibusisiweyo saPhakade sikaNkulunkulu.

²⁸ Manje, siyaqaphela ngapha, ke, ukuthi Wathi.

Pho-ke yibaphi, abezwayo, bacunula: . . .

Impela. Bakhandleka, ngaso sonke isikhathi befika endaweni lapho kufika khona elamanqamu. Babenzenjani-ke na? Babeba luvanzi, futhi bathol'ukukhandleka, futhi bafune ukubuyela emuva, futhi, “Kwenzekeleni lokhu kimi na?”

²⁹ Into exakile, kulokhu ukusa, emva kokushumayela lokho kanzima nje impela njengoba bengingakwenza, baningi owayeza ealtare futhi baKubuze, “Kungani lokhu kwenzeka kimi na?” Niyabona ukuthi Kuhamba kanjani na? Kweqa phezu kwekhanda labantu. Kuyafana nje, bantu.

³⁰ UJesu wathi, “Ninamehlo, kodwa aniboni.” Washo lokho kubafundi.

³¹ Bathi, “Bheka, manje Usukhuluma ngokusobala. Manje sesiyakholwa. Akukho-muntu ongaKutshela noma yini, ngoba uNkulunkulu uyaKukhombisa khona.”

³² Wathi, “Seniyakholwa manje, emva kwaso sonke lesisikhathi na?” Niyabo?

³³ Anifanele nibuze noma yini, kuNkulunkulu. “Ngokuba izinyathelo zabalungileyo ziqiniswa yiNkosi.” Futhi zonke izivivinyo zibekwa phezu kwakho, ukukuvivinya. NeBhayibheli lathi, “Ziyigugu kuwe kunegolide.” Ngakho uma uNkulunkulu ededela izinhlopheko ezilula ezimbalwa zenzeke kuwe, khumbula, kungokokuqondiswa kwakho. “Yonke indodana eza kuNkulunkulu ifanele kuqala ilaywe nguNkulunkulu, futhi ivivinywe, umntwana oqeqeshiwe.” Akukho kukhetha. “Yonke indodana ezayo.” Lezizinhlopheko ziyenziwa noma zilethwa—zियाlethwa, ukubona ukuthi simo sini ozosithatha. Niyabo? NguNkulunkulu, kulenkundla yokuvivinyela. Uyilokho—ke umhlaba, yizinkundla zokuvivinyela, nalapho Azama ukukuvivinyela khona.

³⁴ Manje lalalani, njengoba siqhubeka. Futhi ngifuna ukuthola ingxenye yokugcina yakho.

Yibaphi afunga kubo ngokuthi abayikungena ekuphumuleni kwakhe, . . .

Manje, yilapho esiza khona, kulobubusuku.

. . . ekuphumuleni kwakhe, uma kungesibo abangakhohwanga na?

Siyabona—ke ukuthi babengenakungena ngokungakhohwanga.

³⁵ Manje, yini isono na? Ukungakhohwanga. UNkulunkulu wayeze kubo, eseNsikeni yoMlilo; wathuma umprofethi waKhe, futhi wamgoba, umnika izibonakaliso ukuba azenze phambi kwabantu. Bese—ke kuba yiNsika yoMlilo, ngomprofethi, wabaholela ngaphandle. Zonke izimo abafika kuzo, baqala ukukhononda futhi basho onke amaphutha amancane abawathola enoMose, baqala ukuthetha nokuqeqetha ngokumelana naYe. Futhi kwaba kubi kuNkulunkulu, ngoba Wathi, “Babenza ukona.”

³⁶ Babefanele balalele. Kodwa, esikhundleni salokho, balalela ukuba bazindle, “Kungenzeka kanjani na? Lezizinto zingaba kanjani na?” Uma EnguNkulunkulu, konke kungenzeka.

Futhi Uyokwenza konke kusebenzelane kube ngokuhle kulabo abaMthandayo.

³⁷ Manje sizongena ekutadisheni okukhulu lapha, okungukuthi, ngoku “Phumula,” *isabatha*. Manje, babeyizihambi ohambweni lwabo. Niyabo? Babekade besezansi eGibhithe, iminyaka engamakhulu amane, futhi besebugqilini. Futhi manje babekhishwa ngezimangaliso zikaNkulunkulu, ngokwesithembiso saKhe. Futhi babesindleleni yabo bebheke ezweni elithenjisiweyo. Futhi nakhu kuvela ukuKhanya okungaphezu kwemvelo, phakathi ngaphakathi kwabo, futhi kuqala ukubahola.

³⁸ Manje, omunye wayengathi, “Manje, buka lapha, ubani loMose na? Ubani okwenze umbusi phezu kwethu na? Awusuye yini omunye wethu na? Ubani okubeke ezansi lapha ukuba ube ngubasi wethu na? Ucabanga ukuthi wazi ukwedlula ukuba umelusi wethu azi na? Ucabanga ukuthi wazi ukwedlula ukuba umprihi azi na? Ucabanga ukuthi u—ukhaliphe ukwedlula lokho amadoda akithi ezenkolo ayikho, alolusuku na?” Lokho kwakungahlangene ngalutho nakho.

KwakunguNkulunkulu, eseNsikeni yoMlilo, eqinisekisa ukuthi Wayesemnyakazweni. Akwenzanga mehluko ukuthi ubani owayekhaliphile nokuthi ubani owayengakhaliphile. Kwakungumqondo wokulandela lokho uNkulunkulu ayekubeke phambi kwabo.

³⁹ Ngani, uMose, mayelana nokomzimba, wayenze into engubuwula ngenkathi ezama ukukhulula abantwana ngeZwi likaNkulunkulu, ekhiphela isigejane sabantu ehlane. Ngenkathi eneyakhe. . . Ngani, wayeyindlalifa kuyo yonke into ababenayo. Wayenayo yonke impi eyayikhona, kulo lonke izwe, ibhaxabuliwe. Futhi nango wayelapho, induna enkulu yezempi. Nomnyakazo olandelayo, wayezoba yinkosi, uFaro waseGibhithe. Ngani, wayeyovele nje enyukele esihlalweni sobukhosi, futhi athi, “Kulungile, bantwana, hambani nibuyele ekhaya lenu.” Lokho kuyakuxazulula, wayenguFaro. Kodwa uMose. . .

⁴⁰ O, nakhu. UMose, ngokukholwa, wabona isithembiso sikaNkulunkulu. NeNgelosi yeNkosi iza kuye, futhi wayazi kakhulu ngoNkulunkulu, ngemizuzu emihlanu eseBukhoneni baleyoNgelosi, kunalokho akufunda eminyakeni engamashumi amane nothisha baseGibhithe. Wayazi ukuthi Wayekhona. Ukubonile okungaphezu kwemvelo kwenziwa.

⁴¹ Wathi, “Ngiyoba nawe, Mose. Ngiyohamba phambi kwakho.” Futhi baqonda. Futhi Umnika izibonakaliso ukuba azenze.

⁴² Manje, babesindleleni yabo bebheke ezweni lokuphumula. UNkulunkulu wayebenzele ukuphumula, indawo lapho ababengezukungingeka khona babe. . . izinduna

zokubasebenzisa phezu kwabo, ukubaqhuba, ukubenza benze izinto.

⁴³ Isithombe esihle kanje pho esiyiso namhlanje, uma sibuka iBandla futhi sibone iBandla esimweni salo, wonke umuntu ozelwe nguMoya kaNkulunkulu uyalenyanya izwe. “Futhi uma nithanda izwe noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakini.” Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Nesihambi sangempela, endleleni yaso, nje siyazizona izinto zezwe. Siyakuzonda ukubona amadoda ephuza. Siyakuzonda ukubona amadoda ebhema. Siyakuzonda ukubona abesifazane emgwaqeni, begqoke lezozingubo ezindadlana. Siyakuzonda ukubona owaka namaphathi amakhadi.

⁴⁴ Futhi izolo, ngenkathi uMfowethu Tony . . . noma uMfowethu Woods nami siza ngomgwaqo, nabanye futhi, amanye amadoda . . . Bekunenenekazi elincane lapho eLouisville, liza lehla ngomgwaqo, abesifazane ababukeka bekahle, begqoke izingubo ebeyanyanyeka; nje indledlana enyukela enqulwini, neribhoni encane iboshwe ezinqulwini zakhe, macala omabili, nesiqeshanyana esiyindingilizi sengubo ngaphambili kuye, futhi siboshwe ngentambo ngemuva. Ehla ngomgwaqo, ngokwenyanyekayo, futhi wonke umuntu emgwaqeni embuka. Ngathi, “Akaqondi ukuthi unecala, ebusweni bukaNkulunkulu, ngokuphinga nawo onke amadoda ambukayo ngaleyondlela. Futhi uyophendula ngosuku lokwahlulelwa ngokuphinga nalawomadoda.”

⁴⁵ UJesu wathi, “Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile naye vele.” Kunjalo.

⁴⁶ Ngakho, niyabo, uMfowethu Woods wathi kimi, “Ukuvumelelani lokho, Mfowethu Branham na?”

⁴⁷ Ngathi, “Kuphakathi kokuthi ngukukhubazeka kwengqondo noma ukhwelwe yidemoni.” Zimbili kuphela izinto zokukwenza. Ohloniphekile, owesifazane ohlanzekile angeke azigqoke lezozinto; ngaphandle uma ekhwelwe yidemoni. Lokho kuliQiniso impela.

⁴⁸ Manje, isihambi esisendleleni yaso ebheke eZulwini, siphila esimweni esehlukile. Awudingi ukuba ukhathazeke ngaso simbuka. Siyophendula ikhanda laso uma sinoNkulunkulu enhliziyweni yaso, ngoba siphila esimweni esiqhele ngamamayela ayisigidi kulezozinto. Kunjalo. Awufuni ukuba necala laleyonto, ekwahlulelweni. Ngakho siphendula ikhanda laso bese sithi, “Nkulunkulu, mhawukele lowo wesifazane,” futhi sisuke sihambe. Sisohambweni lwethu. Sisendleleni yethu eya eZweni laseKanana. Sisendleleni yethu eya kulokho kuPhumula kwaPhakade nokunesibusiso uNkulunkulu asiphe khona. Nasohambweni, siyalingwa. Silingwa ngazo zonke izinhlobo zezinto, kodwa nokho silingwa ngaphandle kokona.

49 Manje qaphelani, njengoba siya esahlukweni 4, “Ngakho–ke masesabe.”

Ngakho–ke masesabe, ukuba, kuthi kusekhona isithembiso sokungena ekuphumuleni kwakhe, . . .

50 Ngifuna nikhumbule, ukuthi, ngaphandle uma sithola, ngaphandle uma uNkulunkulu esembulele khona! Akunandaba ukuthi siya kangakanani esontweni, lokho akuhlangene ngalutho nakho. UNkulunkulu ufanele afike ngesambulo bese ezembula Yena uqobo kithi, lokho kukhipha zonke izinto zezwe. “Manje, uma kuthiwa, ‘Namuhla uma ni . . .’”

51 Manje asiqale i—isahluko 4.

Ngakho–ke masesabe, ukuba, kuthi kusekhona isithembiso sokungena ekuphumuleni kwakhe, . . .

52 Manje khumbulani, ngenkathi besendleleni ebheke ekuPhumuleni, iNsika yoMlilo yabahola. Manje sifuna ukuthola, “Kuyini lokhu ukuPhumula na?”

Mase . . . masesabe, ukuba, kuthi kusekhona isithembiso sokungena ekuphumuleni kwakhe, bhekisisani, kungabikho noyedwa kini obonakala esele emuva.

53 Manje, nasi isithembiso. Nakhu esifanele sikwesabe: uma singekho isithembiso esisishiyile. Kodwa sikhona isithembiso! Bese kuthi–ke, into elandelayo, ungasilalelwa yiso.

54 Manje, umcabango ungukuthi, uma sisendleleni yethu ebheke ekuPhumuleni, yini ukuPhumula na? Kukuphi na? Ngabe kungukujoyina ibandla na? Ngabe kungukubhaphathizwa ngendlela ethize na? Ngabe kungukuba yilunga lebandla elikhulu kunawo onke edolobheni na? Ukugqoka izingubo ezingcono na? Ngabe yimfundo na? Ngabe yimali, ukuze siyeke ukusebenza bese nje sicambalala, siphumule zonke izinsuku zokuphila kwethu, njengoba sikubiza kanjalo na? Lokho akusikho.

55 Lalelani ukuthi lithi iBhayibheli kuyini, nokuthi sikuthola kanjani.

Ngakho–ke masesabe, ukuba, kuthi kusekhona isithembiso sokungena ekuphumuleni kwakhe, kungabikho noyedwa kini obonakala esele emuva.

Ngokuba phela nathi (usuku ngaleyonkathi) ivangeli lashunyayezwa, njengabo: . . .

Yini iVangeli na? Izindaba ezinhle. Izindaba ezinhle zafika kubo eGibhithe, ukuthi, “UNkulunkulu uthume umkhululi, futhi Uzosikhipha futhi asiyise ezweni elithenjisiwe.”

56 Izindaba ezinhle kithi manje, ukuthi, “UNkulunkulu uthume uMkhululi, uMoya oNgcwele, futhi sisendleleni ebheke eZweni elithenjisiwe.” Manje abantu ukwenze izivumokholo

namahlelo, kodwa uNkulunkulu usalokhu esele ekhona, ukuthi, ukuPhumula kwethu ku “nguMoya oNgcwele.”

57 Qaphelani.

...vangeli lashunyayezwa... bona njengathi: kepha izwi abalizwayo alibasizanga, i...

Khumbulani:

...izwi abalizwayo alibasizanga, lokhu lingahlangananga nabo nabezwayo ngokukholwa.

58 O, bazalwane bami, ake ngime lapha umzuzu. Akunandaba ukuthi iZwi lishunyayelwa kangakanani, ukuthi uyithanda kahle kanjani indlela eLishunyayelwe ngayo; ngaphandle uma wena uqobo ungumhlanganyeli waLokho, Lingeke likusize nakancu.

...lingahlangananga nabezwayo ngokukholwa.

59 Bazibonile izimangaliso zikaMose. Bathi, “Lokho kuhlanyana.” Base besuka bewela. Bona, bambonile enza izimangaliso. Futhi bayibonile iNsika yoMilo, mhlawumbe, noma babezwa bekhuluma ngaYo. “O, lokho kulungile.”

60 Kodwa kwakungahlangananga nokukholwa okuqondene nomuntu. Ngokuba kwathi nje bangafika ehlane, ba (bonke) baqala ukukhononda. NoNkulunkulu wathi, “Ngenxa yokuthi bangabaza, kwakuyisono.” Ungangabazi lutho. Kholwa. Ungangabazi, akunandaba ukuthi udaba lul’khuni kanjani, Likhholwe.

61 Manje baqala ukukhononda, futhi uNkulunkulu wabachitha. Wayesefunga-ke, olakeni lwaKhe, ukuthi, “Abafanele neze bangene ekuPhumuleni kwaKhe.” NeBhayibheli lasho lapha, ngikholwa ukuthi Kuse—sesahlukweni 3, ukuthi, “Izidumbu zabo zawa ehlane.”

62 Isahluko 3 nevesi 17.

Yibaphi-ke anengwa yibo iminyaka engamashumi amane na? kwakungesibo abonayo, abazidumbu zabo zawa ehlane na?

63 Futhi kubo bonke abaphuma eGibhithe, ababili kuphela abangena ezweni elithenjisiwe. Kulo lonke izwe lamandulo umhlaba ungakabhubhi ngamanzi, ngezinsuku ezedlulayo, kwakukhona imiphefumulo eyisishiyagalombili eyasindiswayo, ezigidigidikani. “Isango lincane nendlela iyingingo, futhi kepha bayingcosana abayoyifumana.”

64 Abanye abantu uthi, “Manje-ke, Mfowethu Branham, kuthiwani-ke ngazo zonke lezinkulungwane iBhayibheli elithi ziyobonakala lapho na?”

Khumbulani nje ukuthi bangaki ofileyo esizukulwaneni ngasinye, ebesingamaKristu, kusukela phansi emnyakeni. Bayovuka bonke. Lokho kwenza uMzimba. Nina nibheke ukuba

kube khona izigidigidikazi eziyikhulu kuleMelika, eziphumayo, noma ezinye ezithize, lelizwe namhlanje. Kungahle kungabi ngamashumi amahlanu aphumayo. Kodwa iBandla elihlengiwe elikhulu lilele othulini, lilindile. Bangamagugu kaNkulunkulu eliphumule othulini. Kodwa imiphefumulo yabo iphansi kwe altare likaNkulunkulu. Abekho esimweni sabo esifanele. Basemzimbeni, qiniso, kodwa umzimbamoya. Futhi bamemeza kuNkulunkulu, “Koze kube nini na?” Babekwazi ukubonana, kodwa babengakwazi ukuxhawulana, lolohlobo lomzimba.

⁶⁵ Ubonana nomama wakho eNkazimulweni kulobubusuku, uma ubungahamba, ubungeke wamxhawula ngoba akanalo lolohlobo lwesandla. Ubungeke usithinte njengoba ubungasithinta manje. Ngoba, imizwa emihlanu yilokho okufakwe kulomzimba, obekungawulawula. Ubukhona bakhe bebungathintwa ngesimo esehlukile.

⁶⁶ Lokho kunjengendoda nomfazi. Akuyikubakhona ukuganana, noma ukunikwa noganile, eZulwini. Ngani na? Ngoba kunohlobo olwehlukile lothando. Akukho-sifiso socansi. Zonke lezozinto sekwedlule. Usuhlaziwe futhi umsulwa.

Kodwa awukaze uphile kulesosimo, ngakho-ke awudalelwanga lesosimo. Ulinde lapho nje. Kodwa uyakulangazelela ukubuyela lapho owadalelwa khona owesilisa nowesifazane, nalapho uNkulunkulu uyovusa lowomzimba uphuma othulini lomhlabathi futhi awukhazimulise. Khona-ke uyobona, unambithe, uthinte, uhogele futhi uzwe, futhi ube nokubambisana. Asisoze sazi . . .

Sasingeke neze sayjabulela impilo yeziNgelosi. Asidalwanga siyiziNgelosi. UNkulunkulu wadala iziNgelosi. Kodwa Wadala wena nami, abesilisa nabesifazane. Leso yisimo esiyoba kuso, kuze kube-phakade, ekuFikeni kwaKhe okubusisiweyo.

⁶⁷ Manje, niyabona ukuthi basilalelwa kanjani, ngoba bona base besilalelwa yinkazimulo. UNkulunkulu wabakhombisa iNsika yoMlilo. Wabakhombisa izibonakaliso nezimanga. Wabaholela ngaphandle. Wabaletha ekulingweni, ukubavivinya nokubahlola.

⁶⁸ Manje, awukaze yini ube nenqwaba yezilingo na? Ungakhonondi ngazo. Jabula. UNkulunkulu unawe. Uzama ukuvivinya ukukholwa kwakho. Bukani uJobe eTestamenteni eLidala, ngenkathi Ethi, “Uyiqaphele inceku yaMi uJobe, umuntu olungileyo, umuntu ophelele na? Akekho onjengaye emhlabeni.”

⁶⁹ “O,” wathi, “impela, Umbiyele: akanazinkathazo, akanazinkathazeko. Akanamithwalo kwezezimali, yonke into ikahle. Akanakugula, nabuhlungu. Ake ngibe naye. Ngizomenza aKuthuke, ebusweni baKho.”

70 Wathi, “Usesandleni sakho, kodwa ungakuthathi ukuphila kwakhe.”

71 O! Wenze konke ngaphandle kokuthatha ukuphila kwakhe, kodwa akakwazanga ukugudluzisa uJobe. UJobe wayazi ukuthi wayemi ngokufanele eZwini. Kunjalo. Nabo bonke odeveli abaphuma esihogweni abakwazanga ukumgudluzisa, ngokuba wayazi ukuthi wayewunikelile lowomhlathshelo. Wayelungile. Futhi bamethwesa icala, bathi, “Wonile, Jobe, futhi uNkulunkulu uyakujezisa.” Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenga... ukuthi wayengonanga phambi kukaNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayelungile. Hhayi ngoba wayengumuntu olungileyo, kodwa ngoba Wayevuma umnikelo wokushiswa esikhundleni sakhe.

72 Futhi, kulobubusuku, siyazi ukuthi impilo yakhe yakufakazisa ukuthi wayelungile. Futhi uma u... Kungesikho ukuzama ukufika ekhaya eNkazimulweni ngoba uzama ukusiza umakhelwane wakho; lokho kuhle. Hhayi ngoba ujoyina ibandla; lokho kuhle. Kodwa ufika ekhaya eNkazimulweni ngoba wemukela ukulunga kukaJesu Kristu, akukho lutho ozenzele khona.

73 Manje, njengoba sifunda siqhubeka.

Ngokuba phela nathi sashunyayezwa ivangeli, ... (ivesi 2)...njengabo: kepha izwi abalizwayo alibasizanga, bona lokhu lingahlangananga nabezwayo ngokukholwa.

Ukukholwa kwakungekho kubo abezwa iZwi.

74 Cabangani nje, namuhla, kwencane, inkonzo ethobile iNkosi engiphe yona, bekufanele kubekhona abaseMelika abayizigidi ezingamashumi amane abasindiswayo, kulobubusuku. Niyazi ukuthi bathini na? “Ngani, ukufunda imicabango ngengqondo. Ungumfundi wengqondo. Ayikho into enjalo! Ngani, akasanti ebandleni lethu.” Niyabo? Akusikho... akunandaba ukuthi ukubeka kangakanani eZwini futhi ufakazise ukuthi yiZwi likaNkulunkulu, yisithembiso sikaNkulunkulu, ukuthi ingakanani isayense ebingafakazisa ukuthi Liyiqiniso, basalokhu bengeke bakholwa. IBhayibheli lathi babengeke.

75 Kwathiwa, “Pho-ke yini isidingo sokuLishumayela na?” UNkulunkulu uzofanele abe nofakazi, ukubalahla ngecala, ngaloloSuku. IZwi lashunyayelwa futhi lafakaza phakathi kwabo, futhi noma kunjalo ngokungazi basuka bahamba. Akukho okusele kodwa ukwahlulelwa. UNkulunkulu wayengeke ngobulungiswa—wayengeke ngobulungiswa ehlulele isizwe ngaphandle uma sasinesihawu ngaphambi kokuba sibe nokwahlulelwa. UnguNkulunkulu. Wayengeke akwenza.

76 Manje sithini na?

Ngokuba singenile futhi ekuphumuleni thina esikholiwe, njengokusho kwakhe, ukuthi, Kanjalo ngafunga ekuthukutheleni kwami ngathi, abayikungena ekuphumuleni kwami: nakuba imisebenzi wafezwa kwasekusekelweni kwezwe.

Ngokuba ushilo endaweni ethize ngo—ngosuku lwesikhombisa ukuthi, . . .

⁷⁷ Manje, angifuni ukulimaza imizwa yabantu, ngokumelana nenkolo yabo. Leyo akusiyo inhloso yami. Phandle ezinkundleni, ngishumayela nje ezijwayelekile, ezinkulu zevangeli, izimfundiso eziqavile. Kodwa etabernakele, phakathi kwabantwana bami lapha, ngiyezwa ukuthi nginelungelo lokushumayela lokho engicabanga ukuthi yiMfundiso neQiniso. Niyabo? Ngicabanga ukuthi lokho kulungile.

⁷⁸ Manje, nginezinkulungwane zabangani abangamaSabatha alungileyo, abantu abangamaSeventh-day Adventisti. Abanye babangani abathandeka kunabo bonke enginabo, abanye babo bangamaSeventh-day Adventisti.

Nakuba, umnyakazo omkhulu wa, lowo obizwa ngokuthi, yi—yi*Phimbo lesiProfetho*, baphikisana nami ngokugxilile. Bathi ngenza inkulumo-mbiko epulpiti, futhi ngathi, “NganginguNkulunkulu. Nokuthi i . . . nokuthi lokhu ukuKhanya okwalandela kwakuyiNgelosi, futhi mina nganginguNkulunkulu. Futhi ngifika ezweni ukwenza izinto ezinkulu, ukufakazisa kubantu ukuthi nganginguNkulunkulu.” Manje, yilokho i*Phimbo lesiProfetho* elakusho ngami, ngale eCalifornia. Nokuthi noma ngabe ubani owasho lokho, niyazi, washo into eyayingenjalo.

⁷⁹ Kodwa endaweni yokuqala, kungesikho ukuthatha umcabango wokumelana nebandla leSeventh-day Adventisti kumbe noma yiliphi elinye ibandla leSabatha, kodwa kuphela ngenxa yeVangeli. Sizozika, emizuzwini embalwa, ngePhentekoste, futhi. Ya. Qiniso. NgeBaptisti, sizozika kulokho futhi sikhombise ukuthi uNkulunkulu akasekeli nayiliphi ihlelo. Kunjalo. Kuphela wesekela umuntu ngamunye. Futhi Akasebenzani nayiliphi ihlelo, Akazange futhi Akasoze, ngokweZwi laKhe. Kodwa usebenzana nabantu ngamunye kuwo onke amahlelo. Yebo, ngabantu ngamunye uNkulunkulu asebenzana naye.

⁸⁰ Manje lalelani kulokhu ngokucace ngempela, futhi uma nanini, noma ngasiphi isikhathi, lowombuzo uze ufike kuwe, uzoxazululwa. Manje, kwangathi iNkosi ingasisiza.

⁸¹ Manje, ngokusondele, “Ngokuba . . .” Ivesi 4.

Ngokuba ushilo endaweni ethile ngosuku lwesikhombisa ukuthi, . . .

⁸² Manje bhekisisani. Ukhuluma ngesabatha. Bangaki owaziyo ukuthi igama elithi *s-a-b-a-t-h-a* ngesiHe... yigama lesiHeberu elisho “u-k-u-p-h-u-m-u-l-a na”? Bangaki okwaziyo lokho, ngesiNgisi na? Impela. Alizwakali yini lixakile igama elithi *sabatha* na? Linjalo.

⁸³ Alizwakali yini lixakile igama elithi *ngcwelisa* na? *Ngcwelisa* yigama lesiGrekhi. Ukungcwelisa kuchaza “ukwenziwa ube ngcwele.” IsiHeberu, lisho “ukwenza kube ngcwele.” IsiGrekhi, kusho “ukungcwelisa.” IsiNgisi, sisho “ukuhlanza.”

⁸⁴ *Isabatha* kusho “usuku lokuphumula.” Laliyilokho-ke isabatha elidala, usuku lokuphumula. Uma ubona *ukuphumula*, kusho ukuthi “isabatha.” Libuke encwadini yakho yasekuqaleni ingakagaywa, uma kwenzeka ube neBhayibheli lesiGrekhi, bese uthola ukuthi ngabe igama...Uma uneScofield Bhayibheli, libuke lapho emphethweni okuthi khona “ukuphumula” bese ubona ukuthi akukubuyiseli yini *esabatheni*. *Isabatha* lisho “ukuphumula.” Kulungile.

⁸⁵ Manje bhekisisani.

Ngakho-ke masesabe, ukuba, kuthi kusekhona isithembiso sokungena esabatheni lakhe, ukuphumula, . . .

⁸⁶ Manje, abantu abaningi ugcina izinsuku, njengokuthi agcine usuku lwesabatha *uMgqibelo*. Abanye benza *iSonto* libe yisithixo, usuku lokukhonza. Futhi ngomusa kaNkulunkulu, nangeZwi likaNkulunkulu, uNkulunkulu angisize kulobubusuku, ngingafakazisa kini ukuthi bobabili banephutha. Bobabili okhonza ngeSonto nomgcini wesabatha. Bobabili banephutha uqobo ngokweZwi. Futhi empeleni, yiZwi esifanele sihambe ngalo, hhayi ngalokho okushiwo ngama-Adventisti, kumbe hhayi ngalokho okushiwo yiProtestane, noma okushiwo yiKatolika. Kuyilokho okushiwo yiBhayibheli.

⁸⁷ Manje, manje bhekisisani.

Ngokuba ushilo endaweni ethile ngosuku lwesabatha ukuthi, . . .

Manje sizomisa okuthize njengalokhu, futhi sibize lokhu—khu ngokuthi, “ukuPhumula kukaNkulunkulu,” usuku lwesikhombisa.

⁸⁸ Manje bhekisisani. “NoNkulunkulu. . .” Lalelani lomBhalo manje.

. . . uNkulunkulu waphumula ngosuku lwesikhombisa emsebenzini yakhe yonke.

UNkulunkulu wayeneSabatha, nalolosuku lwesikhombisa lwaluyiminyaka eyinkulungwane ubude, umfanekiso wesikhathi seminyaka eyiNkulungwane.

Ngokuba ushilo...ngosuku lwesikhombisa ukuthi, UNkulunkulu waphumula emsebenzini yakhe—yakhe yonke.

Isabizwana somuntu, “Emisebenzini *yaKhe* yonke.” Waphumula ngosuku lwesikhombisa. Lowo nguNkulunkulu.

Nakulendawo uthi, phansi komthetho, Abayikungena ekuphumuleni kwami.

⁸⁹ UNkulunkulu waphumula, ngokwenyama, ngokuba Wayekade enze amazulu nomhlaba ngezinsuku eziyisithupha, nangosuku lwesikhombisa Waphumula emsebenzini waKhe wonke. Waphumula iminyaka eyinkulungwane. Ngokuba iBhayibheli lasho, ukuthi, “Usuku olulodwa emhlabeni luyiminyaka eyinkulungwane eZulwini; iminyaka eyinkulungwane eZulwini; iwusuku olulodwa emhlabeni.” Bangaki owaziyo ukuthi umBhalo usho lokho kuPetru wesiBili na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. “UNkulunkulu waphumula ngosuku lwesikhombisa. Futhi Wakhuluma kanje endaweni ethile.”

⁹⁰ Manje lalelisisani.

Ngokuba ushilo endaweni ethile ngosuku lwesikhombisa ukuthi, UNkulunkulu waphumula... emisebenzini yakhe yonke.

Nakulendawo uthi futhi, umthetho, Abayikungena ekuphumuleni kwami.

Unika amaJuda, esendleleni yawo evela ezweni elithenjisiwe... noma evela eGibhithe, eya ezweni elithenjisiwe, isabatha lezinsuku eziyisikhombisa.

⁹¹ Manje lalelani.

Ngakho—ke lokhu kusasele ukuba abanye bangene kukho, nalabo abashunyayezwa kuqala...

Ukuphumula! UNkulunkulu ubanika umthetho, nesabatha lalingumyalo wesine.

...ngangenanga ngokungakhohwa:...

⁹² Manje bhekisisani. Ukhuluma ngomthetho, ukuthi bangena kanjani, kwakungahlangene nokukholwa. Abawugcinanga. Bagcina isabatha ngesikhumbuzo, ukuthi babeya ezweni lesabatha, ukuba babe nokuphumula okungunaphakade kuzo zonke izinkathazo zabo nazo zonke izinkathazeko zabo, bengabe besababikho abacindezeli, bungabe busababikho ubusuku obungenakuphumula. Babesendleleni yabo ebheke ezweni elithenjisiwe lokuphumula. Lalichichima ubisi nezinyosi. Amagrepsi ayamakhulu kakhulu ngangokuthi amadoda amabili athwala isixha esisodwa emahlombe awo. O, izwe lokuphumula elibusiswe kanje pho! Kodwa behluleka ukulithola ngenkathi befika lapho, ngenxa yokungakhohwa kwabo. Babuyiselwa

eceleni, emamayeleni angamashumi amane kuphela ukusuka lapho abashiya khona iGibhithe, ukuya ezweni elithenjisiwe. Futhi kwabathatha iminyaka engamashummi amane ukufika lapho, ngenxa yokungakholwa kwabo. UNkulunkulu wabanika umprofethi wabo, wamnika isibonakaliso saKhe, umnika iNsika yoMlilo, wabonisa izibonakaliso nezimanga, futhi washumayela iVangeli kubo. Futhi baphuma bahamba, emva kwezinhlanzi nezinkwa, futhi bawa ehlane. “Nezidumbu zabo zabhubha ehlane.”

⁹³ UJesu, emthonjeni, Washo.

Bathi, “Obaba bethu badla imana ehlane, iminyaka engamashumi amane.”

⁹⁴ Wathi, “NGIYIlesoSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. NGIYISinkwa sokuPhila. UMose akaninikanga lesoSinkwa. UBaba waMi unika lesoSinkwa. NGIYISinkwa esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini. Uma umuntu edla Lesi, akasoze afa.” Nanko umehluko.

⁹⁵ Manje bhekisani. Bathi U... “Baphuza eDwaleni elalisehlane, isikhathi seminyaka *engaka*.”

⁹⁶ Wathi, “NGIYIleloDwala.” Alibusiswe iGama laKhe eliNgcwele! “NGIYIleloDwala.”

Wayengaba kanjani yileloDwala na? LeloDwala laliyiDwala lokomoya. Lalandela abantwana bakwaIsrayeli. NoMose wayenenduku esandleni sakhe, okwakuyinduku yokwahlulela kaNkulunkulu. NoNkulunkulu wamtshela ukuba ashaye iDwala, futhi walishaya iDwala. Futhi ngenkathi enza, amanzi avela eDwaleni. NoKristu wayeyileloDwala, nokwahlulela kwenhlawulo yesono kaNkulunkulu kwashaya phezu kwaKhe. “UNkulunkulu kwambangela ukuba abeke phezu kwaKhe ububi bethu sonke,” nalobobubi baqhumisa inhliziyu yaKhe. Nasenhliziyweni yaKhe kwathululeka uMoya oNgcwele, njengemifula yamanzi, kwababhubhayo, abantu abafayo.

“NGIYIleloDwala elalisehlane.”

“Ngani,” wathi, “Uqonde ukusho ukuthi . . .”

⁹⁷ Wathi, “UMose, lowo owanitshela lokho, walangazelela ukubona usuku lwaMi. Futhi walubona luyingxenye.”

⁹⁸ Wathi, “Manje, uqonde ukusitshela ukuthi Wena umkhulu kunoMose na? Ukuthi Ubone uMose na? NoMose kwase kuyiminyaka engamakhulu ayisishiyagalombili afa.” Bathi, “Manje siyazi ukuthi Unedemoni,” ngamany’amazwi, “uyahlanya. Siyazi ukuthi Uyahlanya.”

⁹⁹ Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA. NgangiNGU-NGIKHONA OMKHULU owayesesihlahleni esivuthayo. NgiyilowoMlilo owawusesihlahleni esivuthayo. NgiyileyoNgelosi eyahamba phambi kwabo.” Wayesethi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi Ngibuyela kuNkulunkulu.” Futhi

Wavela kuNkulunkulu, wenziwa inyama futhi wakha phakathi kwethu; wabuyela kuleyoNsika yoMlilo efanayo.

Futhi Nangu, kulobubusuku, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, “onguyena izolo, namuhla, naphakade,” enza into efanayo, ehola abantwana baKhe ababusisiweyo.

¹⁰⁰ Nabaningi bayeza...phakathi ngenxa yokungakholwa. Manje, wathi, “Wanquma usuku,” usuku lapho uNkulunkulu eqeda umsebenzi waKhe. Manje-ke, “Wanquma ‘olunye usuku,’ futhi kulokhu, ukuthi uma beyozwa, uma beyoza, abagcina amasabatha, baqhubekele ezinyangeni ezintsha kanjalonjalo.” Yilapho abazalwane abangama-Advent ezama khona ukunibuyisela emuva.

¹⁰¹ Manje asifunde siqhubeke. Qaphelani.

Ngakho-ke lokhu...ukuba abanye bangene kukho, nalabo abashunyayezwa kuqala bengangenanga ngokungakholwa.

¹⁰² Manje, ivesi 7. O, he! Ngithi, umBhalo uphefumulelwe ngokwezibalo. Ngithi, umBhalo unjalo, futhi ngandlela zonke, uphefumulelwe. Izibalo zeBhayibheli ziphelele.

¹⁰³ Niqaphelile ukuthi leUnited States iyinombolo eyishumi nantathu kuyo yonke into eyenzayo na? Niyazi yasungulwa ngamazwe aphuma kwamanye ayishumi nantathu na? Niyazi ukuthi iflege lalinezinkanyezi eziyishumi nantathu kulo kuqala na? Niyazi ukuthi yonke into iUnited States eyenzayo isenombolweni yeshumi nantathu na? Benazi ukuthi ibonakala eBhayibhelini eZambulweni zeshumi nantathu na? Impela iyabonakala. Isilo esincane, iwundlu eliphuma emanzini, hhayi ugqinsi nokuminyana kwezixuku zabantu,...hhayi esiphuma emanzini, kodwa ezweni lapho okungekho-muntu. Lalinezimpondo ezincane ezimbili: impucuko namandla obufundisi. Futhi sasiywundlu: inkululeko yenkolo. Futhi emva kwesikhashana, bahamba ndawonye futhi sakhuluma njengodrako, futhi sasebenzisa onke amandla enziwa yiRoma emva kwaso. Lokho kuza esizweni sakithi. Kumakeni phansi. Bhekisisani kuMfelandawonye wamaBandla neKatolika kuhlangana ndawonye. Bhekisisani ukuthi kwenzekani.

¹⁰⁴ Abantu abalandela iNsika yoMlilo impela bayoba nesikhathi esinesankahlu, kodwa balungele ukuhlwithwa ngalesosikhathi, kunjalo, nje balungele ukuhamba. “Ngokuba iWundlu liyabanqoba,” kwasho iBhayibheli, “nalabo abaLilandelayo, ngoba babizwa ngabakethiweyo nabathembekileyo, abaKhethiweyo bakaNkulunkulu.” Ukugwema ukungena kulesosiprofetho manje, ukuze sikwazi ukuqhuba lokhu.

¹⁰⁵ Lalelisisani, isahluko 7, i...ngiqonde isahluko 4, ivesi 7. Isikhombisa yinombolo yokuphelela. Isithathu yinombolo

yokuPhila. Isikhombisa yinombolo yokuphelela, nalokhu kunikeza isabatha eliphelele.

“Kanti futhi,” khumbulani, wakhuluma, “UNkulunkulu,” kanje. Wase-ke ekhuluma ngo “mthetho,” kanje. Bese kuthi-ke, futhi, “Wanquma usuku,” usuku lwesithathu, okwesithathu.

Wanquma, futhi, usuku, usuku oluthile, Namuhla, esho ngoDavide, emva kwalesisikhathi esingaka; njengokushiwo ukuthi, Namuhla uma niyakulizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni inhliziyo zenu.

Bhekisisani, uma uJoshuwa wabe ebanikile ukuphumula (isabatha), . . . wayengayikukhuluma emva kwalokhu ngolunye usuku.

Izimiselo zesikhathi ziguquka noJesu Kristu: kusukela emthethweni kuya emseni, kusukela emisebenzini kuya emseni, kusukela entweni oyenzayo kuye entweni eyenziwa nguNkulunkulu, kusukela kokuzibonga kwakho noma phezu kokubongwa kwaKhe. Kwaguquka.

¹⁰⁶ Ngenkathi uMose ephuma ehlane, nomthetho, wathi, “Ungaphingi. Ugebi. Ungabulali. Gcina usuku lwesabatha lungwele.” Ngenkathi uJesu ephuma ehlane. . . Ngenkathi uMose efika, uDeveli wamlinga. Wathi nje uDeveli angamlinga, wakulalela. UMose wayenendawana ebuthakathaka. Bangaki owaziyo ukuthi kwakuyini na? Ulaka. Futhi wathi nje angababona bekhonza ithole legolide, waphosa phansi imiyalo futhi wayephula, ekhombisa nina ukuthi ubupristi babuzokwephulwa. Futhi uNkulunkulu wayinika yena futhi.

¹⁰⁷ Kodwa ngenkathi uJesu ephuma ehlane, izinsuku ezingamashumi amane zokuzila ukudla, Walamba, okuyiyona kuphela indawana ebuthakathaka Ayenayo. NoDeveli ufika kuYe wayesethi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, phendula lawamatshe abe yizinkwa. Yenza isimangaliso lapha. AngiKubone usenza, futhi ngizoKukholwa.”

¹⁰⁸ UJesu wathi, “Kulotshiwe, ‘Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kepha ngawo onke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu.’” Wayazi ukuthi akadibananga noMose lapho, ngokuba Waya eZwini.

¹⁰⁹ WaMyisa esiqongweni, ithempeli, wathi, “Uma UyiNdodana kaNkulunkulu, Ziphonse phansi.” Futhi wapenda, akacaphunanga, kodwa wapenda umBhalo. Wathi, “Kulotshiwe, ‘Uyaleza iziNgelosi, ngakho, funa Uqhuzuke ngonyawo lwaKho etsheni. UyakuKuthwala.’”

¹¹⁰ NoJesu waqonda eZwini, futhi wamkhuza.

¹¹¹ WaMyisa phezu kwentaba wayeseMkhombisa iUnited States neJalimane neSwitzerland, nazo zonke izizwe zomhlaba, ezaziyo ke zibe khona, wathi, “Konke kungokwami. Ngenza ngakho noma yini engifuna ukuyenza.” Akumangalisi sinezimpi

nezinkathazo. Wathi, “Ngenza ngakho...” Akumangalisi abesifazane begqoka... futhi bazedlulele nakho, ngomthetho. Konke kubuswa nguDeveli. Yilokho iBhayibheli elakusho. USathane wathi, “Kungokwami. Ngenza ngakho noma yini engifuna ukuyenza.” Wathi, “Uma Uzokhuleka kimi, ngizoKwenza inkosi njengoba ngiyiyo.”

¹¹² UJesu wathi, “Kulotshiwe ukuthi, ‘Wokhuleka eNkosini uNkulunkulu wakho yedwa, uyakumkhonza.’ Buyela emva kwaMi, Sathane.”

Ngani na? UJesu wayazi ukuthi Uyoba yindlalifa kuyo kulesisikhathi esikhulu seminyaka eyiNkulungwane, lapho uMbuso waKhe uyofika khona. “Intando yaKho mayenziwe emhlabeni njengoba yenziwa eZulwini.” Azisayikubakhona izikhindi ezigqokwayo. Akusayikubakhona ukuphuza. Ayisayikubakhona inkanuko. Akusayikubakhona ukuphinga. Akusayikubakhona ukufa. Alusayikubakhona usizi. Uba yindlalifa kuzo zonke izizwe. ZingezaKhe. Kunjalo. ZingezaKhe, futhi Uyoba yindlalifa. Kodwa uSathane unazo okwebanga lesikhathi, lokho kungukuthi, usuku esiphila kulo.

¹¹³ “Kodwa Wanquma usuku, ethi, ‘Namuhla, emva kwesikhathi esingaka.’ Wayesethi, ‘Ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu.’”

Ngokuba uma uJoshua wayebanike ukuphumula, . . . wayengayikukhuluma emva kwalokhu ngolunye usuku.

¹¹⁴ Mfowethu oyiAdventisti, buka Lokho. UPawulu lapha, washo. NoPawulu washo, kwabaseGalathiya 1:8, uma niyibhala phansi imibhalo, kwabaseGalathiya 1:8, “Uma iNgelosi evela eZulwini ifika futhi ishumayela noma yiliphi elinye ivangeli ngaphandle kwaLeli engilishumayelile, mayibe ngeqalekisiweyo.” UPawulu wathi, “Uma uJesu wayebanike usuku lokuPhumula . . .”

¹¹⁵ Bukani, ngenkathi Ehla entabeni. Uyehla-ke. Wayenqobe uDeveli. Wayegcotshiwe, eselungele iNkonzo yaKhe. Wathi, “Nibezwile bethi, abasendulo, ‘Ungabulali,’ kepha Mina ngithi kini yilowo nalowo othukuthelela umfowabo, ngaphandle kwesizathu, usebulele vele. Nibezwile bethi, abasendulo,” lolusuku, abagcini besabatha. “Nibezwile bethi, emuva ngaleyonkathi abasendulo, phansi komthetho, ‘Ungaphingi; wawuze ube sesenzweni, ukuze ube necala.’ Kepha Mina ngithi kini, ukuthi yilowo nalowo obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.” Okwehlukile! Wedlula nje ngqo ngakulowomyalo wesine. Kodwa ngabe Wabanika yini ukuPhumula na?

¹¹⁶ Ake sibone ukuthi wathini. “UDavide wathi, ‘Emva kwesikhathi esingaka,’ kwakuzobakhona ukuPhumula okuphelele okufikayo.’ UNkulunkulu waphumula emisebenzini yaKhe, ngosuku lwesikhombisa.’ UNkulunkulu walubusisa usuku lwesabatha, futhi ulunika amaJuda ehlane, kanje.

Bangena...phakathi ngenxa yokungakholwa, ngoba iZwi lingahlangananga nokukholwa. Kanti futhi, Wanquma usuku oluthile, esho ngoDavide, ‘Emva kwesikhathi esingaka.’”

Amakhulu eminyaka emva kokuba uDavide wayesefile, iNdodana kaDavide yayizovela, enguJesu, “Futhi uma beyozwa iPhimbo laMi, ningayenzi lukhuni inhliziyo yenu.” UNkulunkulu uzokhuluma enhliziyweni.

117 Manje bhekisisani, okwevesi 9 manje, kinina ofundayo. “UJesu wayeyobanika ukuphumula,” ivesi 8, “Wayeyo... akhulume ngolunye usuku.”

118 Uma kwakuzoba nesabatha, uma kwakuzoba nokugcinwa kweSonto, khona-ke Wayeyokhuluma ngakho. Uma Wayethe, “Manje alisekho isabatha, akusekho ukugcinwa kosuku lwesikhombisa, eNgifuna nikugcine yiSonto,” Wayeyokusho. UPawulu wathi Wakwenza. Wayeyokusho, “Nonke khonzani ngeSonto. Lokho kuyoba ngukuphumula.” Awu, uma wayefune bagcine isabatha, wayeyothi, “Hlalani nje nigcina usuku lwesikhombisa. Kodwa manje Ngifuna nigcine iSonto, usuku lwesishiyagalombili.” Qhabo. Akazange akusho.

119 Wathi, “Uma uJesu wayebanike usuku, Wayengayikukhuluma ngalo na?”

120 Manje ivesi 9. Lungelani.

Ngakho-ke kubasalele abantu bakaNkulunkulu ukuphumula, ukugcina isabatha kubantu bakaNkulunkulu.

Ngokuba ongenile ekuphumuleni kwakhe (uKristu), yena uphumulile emisebenzini yakhe, njengoNkulunkulu kweyakhe, ngesabatha.

121 Niyakubona na? Manje ake sithathe omunye umBhalo futhi sisekele lokhu. Kulungile. Ngenkathi uNkulunkulu enza umhlaba ngezinsuku eziyisithupha, Waphumula ngosuku lwesikhombisa, futhi akaphindange abe esasebenza. Alibusiswe iGama leNkosi. Wakha umhlaba, wabeka okudaliweyo kuwo, wayeseyophumula; futhi akaphinde abuye futhi, ukuba abuye akhe omunye umhlaba. Wayiqeda imisebenzi, wayeseyophumula. Manje, e...Manje-ke, emva kwaleyominyaka eyinkulungwane, kwase kungenza isono; wase-ke uKristu emelwa, iWundlu lamelwa. Manje, amaJuda lanikwa lokhu njengomfanekiso wokuPhumula kosuku lwesikhombisa.

Manje, wanquma olunye usuku, esho ngoDavide, . . . emva kwesikhathi esingaka, kuza okunye ukuphumula.

122 Manje kuyini lokho kuPhumula na? Phenyani kanye nami kuMathewu, isahluko 11, nengxenyane yokugcina yesahluko 11 sikaMathewu oNgcwele. Kungenkathi uJesu ephetha intshumayelo yaKhe entabeni, futhi nizobona ukuthi Wathini.

¹²³ Wathi, “Yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe. Yilowo nalowo othukuthelela umfowabo, ngaphandle kwesizathu, usembulele umfowabo.” Zonke lezizinto, futhi Akazange awuthinte lowomyalo wesine, lelosabatha.

¹²⁴ Manje Useyaphetha. NeSabatha liyisiThembiso esikhulu sikaNkulunkulu. SingukuPhumula. Manje, manje bhekisisani lapha, ngenkathi Eseyiphethile imibusiso. Lapha Uthi, ivesi 27 lesahluko 11 sikaMathewu oNgcwele. Lapho, Wayefundisa ngemibusiso esahlukweni 5.

Konke ngikunikelwe esandleni sami, nguBaba: akakho oyazi iNdodana, kuphela uYise; . . .

Niyabo, ungeke wazi oyedwa ungamazanga omunye, ngoba WayenguBaba ebonakaliswe enyameni.

. . . akakho futhi omazi uYise, kuphela iNdodana, . . .

¹²⁵ Kubukeka sengathi abantu bebengakubona Lokho futhi bangaphikisani. Impela. UNkulunkulu akasibo Abantu abathathu. Uma EngoNkulunkulu abathathu, khona-ke singabahedeni. Nguyena muphi onguNkulunkulu na? Bona, bonke bobathathu, nguNkulunkulu oyedwa, yizikhundla ezintathu zikaNkulunkulu ofanayo. WayenguYise, esimweni sikaMoya oNgcwele, kuleyoNsika yoMlilo ehlane. WayeyiNdodana, ngenkathi Esebenzisa isikhundla sobuDodana. “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisangibona; Ngiyomuka. Ngobuya futhi ngibuye ngibe nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” Niyabo? UngubuBaba, ubuDodana, noMoya oNgcwele, futhi. Konke kunguye lowoNkulunkulu ofanayo esebenza ezikhundleni ezahlukeni ezintathu: ubuBaba, ubuDodana, uMoya oNgcwele. Neze . . .

UJohane wokuQala 5:7 wathi, “Bathathu abafakaza eZulwini: uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele. Laba abathathu baMunye.”

¹²⁶ UThomase wathi kuYe, “Nkosi, sikhombise uYihlo. Kuzomenelisa.”

¹²⁷ Wathi, “Isikhathi esingaka Nginani, futhi awukaNgazi na?” Wathi, “Uma ubona Mina, ubonile uBaba. Futhi usho kanjani ukuthi, ‘Sikhombise uYihlo’ na?”

¹²⁸ Manje, abakaMunye bakuthatha, iqembu labantu bakamunye, futhi bazama ukwenza uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, isikhundla esisodwa nje nendawo eyodwa, futhi njengomunwe wakho, munye. Lelo yiphutha. UNkulunkulu wayengeke . . . UJesu wayengeke abe ngubaba waKhe yena uqobo. Uma Wayenguye, kusho ukuthi-ke Wayeyi . . . Awu, Wayengaba kanjani ngubaba waKhe yena uqobo na?

¹²⁹ Futhi uma uNkulunkulu engumuntu, wehlukaniswa noMoya oNgcwele, Wayenobaba ababili. Ngokuba iBhayibheli

lasho, ukuthi, “UMoya oNgcwele wasibekela uMariya wayesekhulelwa, futhi,” iBhayibheli lasho, kuMathewu 1:18, ukuthi, “lokho akukhulelweyo kungokukaMoya oNgcwele.” Manje-ke yimuphi ongubaba waKhe, uMoya oNgcwele noma uNkulunkulu na? Bobabili, uMoya ofanayo, kungenjalo Wayenokuzalwa komntwana wesihlahla ngemimoya emibili.

Lowo ngumbhedesho wamaKatolika, futhi wawungakaze ube ngukufundisa kweBhayibheli. UMartin Luther waphuma nawo, nenqwaba yobunye ubuKatolika obusebandleni lamaLuthela. UWesley waqhubeka walandela nawo. Futhi usaqhubeka, kodwa ungukweduka. Awusilo iQiniso. Awukaze ube yilo, wawungakaze ube yiMfundiso yeBhayibheli. Wawungakaze ube ngumyalo eBhayibhelini, ukufundisa oNkulunkulu abathathu.

Munye uNkulunkulu. UJesu wathi, “Yizwa, O Israyeli, NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho, uNkulunkulu munye,” hhayi oNkulunkulu abathathu.

¹³⁰ EAfrika, babhaphathiza kanye kuYise, kanye eNdodaneni, nakanye kuMoya oNgcwele. Bese-ke kufika iJuda ndini, lithi, “Nguyena muphi kubo onguNkulunkulu wenu na? Nguyena muphi, onguYise, iNdodana, noma uMoya oNgcwele na?” Bona, bonke bobathathu, baMunye. IBhayibheli lathi babeMunye.

¹³¹ UJesu wayeyindlu uNkulunkulu ayehlala kuyo. IBhayibheli lakusho lokho, ukuthi, uTimothewu wokuQala 3:16, “Kuvunyiwe,” okungukuthi, “impikiswano, inkulu imfihlakalo yokukhonza. Ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wabonwa yiziNgelosi, wemukelwa e... washunyayelwa, wakholakala, futhi wemukelwa phezulu eNkazimulweni.” UNkulunkulu waba njalo. IBhayibheli lathi, “IGama laKhe liyakuthiwa u*Emanuweli*, okungukuthi ngokuhunyushwa, ‘UNkulunkulu unathi.’” IBhayibheli lasho, ukuthi, “UJesu, kuYe kwakuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba.”

¹³² Njengoba sasinakho ngobunye ubusuku: uNkulunkulu, ekuqaleni, wayenguMoya. Kwase kuthi-ke, kusuka kuNkulunkulu, kwaphuma iZwi-mcabango, noma umzimbamoya, okwakuyisimo somuntu, uthiwa yiNdodana kaNkulunkulu, efanekiswe ngaphambili. Wafika emhlabeni, esemzimbeni wenyama, ngisho nangaphambi kokuba Angene kuJesu Kristu. Manje ake ugwinnye lokho kanye, mfowethu. Ngizokufakazisa kini.

¹³³ Ngenkathi, ngenkathi uMose eMbona. Wathi, “Ake ngibone isimo saKho, Nkosi.” NoNkulunkulu wamfihla edwaleni. Futhi ngenkathi Edlula, wathi, “Kwakuyingxenye yomhlane womuntu.” Lowo kwakuyilowomzimbamoya. Lokho kunjalo impela.

Manje-ke, lowomzimbamoya wadingeka wenziwe inyama. Hhayi umunye uMuntu, kodwa uMuntu ofanayo wadingeka abe yinyama, ukukhipha udosi ekufeni.

Njengenyosi uma itinyela, ishiya isitinyeli. Futhi ayikushiyanga neze lokho...Yayingafaka udosi enyameni yomuntu ngoba yisono. Kodwa, mfowethu, ngenkathi itinyela leyonyama kaEmanuweli, yalahlekelwa yisitinyeli sayo. Yebo, mnumzane. Ingabubuza kodwa ayisenasitinyeli.

¹³⁴ Akumangalisi, uPawulu, ngenkathi bezomgenca ikhanda lakhe, wathi, “O kufa, luphi udosi lwakho na? Ungabubuza futhi uvungame ngakho konke ofuna ukukwenza. Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Kepha makabongwe uNkulunkulu osinika ukunqoba ngoJesu Kristu.” Nakho lapho okhona.

Kuthathe uNkulunkulu uqobo lwaKhe ukwenza lokho. Wafika futhi wabonakaliswa enyameni. Wabuyela emuva kuMoya.

¹³⁵ Wena uthi, “Mfowethu Branham, awuzange usitshela, namanje, ukuthi uNkulunkulu wenziwa nini inyama ngaphambi kokuba abe nguKristu.”

Ngenkathi uAbrahama ehlezi phansi kwethende lakhe, ngoluny’usuku, nakho kufika iziNgelosi ezimbili noNkulunkulu, enyukela kuye, esenyameni yomuntu. Ayenothuli ezinyaweni zawo futhi aye khandlekile, futhi ahlala phansi. NoAbrahama waphuma wayesesusa ithole enkomazini, wayeselibulala. Wayesenza amaqatha ewundlu. Waphuma wayesethatha... Wathi uSara akathathe impuphu yesinkwa sommbila futhi ayisefe, bese enza izinkwa zommbila. Wayesethatha ibhotela eliphuma enkomazini, wayesethatha ubisi lwebhotela. Wayesekukhiphela lapho wayesekubeka phansi, noNkulunkulu uyakudla.

¹³⁶ Haleluya! Yingalesosizathu, “Ukholo lwami lubheka phezulu kuWe, Wena Wundlu laseKalvari.”

¹³⁷ Nicabanga ukuthi leyo yinto enkulu kaNkulunkulu na? UNkulunkulu, Owenza zonke izakhamzimba ipotashi namakhalsiyamu, nayo oyonke into ezweni, Wehla ukuvakashela uAbrahama. Wathi, “Ucabanga ukuthi Ngizokufihlela, lokhu uyindlalifa yezwe na?” Amen. “Angeke ngikufihlele.” UNkulunkulu wavele nje watshele u... .

¹³⁸ Senziwe ngemisuka eyishumi nesithupha. Wathatha nje esinye isakhimzimba ipotashi, nesinye isakhimzimba ikhalsiyamu, esinye isakhimzimba ipetroliyamu, ukukhanya komhlaba nezulu, i “Whi!” “Ngena kulowo, Gabriyeli,” umzimba!

¹³⁹ “Whi!” “Ngena kulowo, Mhlonyane.” Wangena kuwo.

IziNgelosi ezimbili, zivela eZulwini!

140 UNkulunkulu welula isandla wayesethatha okungangesandla kwakho, “Whi,” wangena kuwo, qobo lwaKhe. Wehla, futhi wayelambile. Akabusiwe! Nithini ngalokho, bazalwane abangama–Adventisti abengeke bayidla inyama na? Sizongena kulokho, emva kwesikhashana. UNkulunkulu uSomandla, uJehova, tholani ukuthi ngabe leloGama elifanayo alihunyushiwe yini laba yiLowo ofanayo esihlahleni esivuthayo! Haleluya!

Wayesema emhlabeni–ke, Wathi, “Engakabikho uAbrahama, NGIKHONA, Lowo ofanayo esihlahleni esivuthayo.” Kunjalo, uElohim, ubone ukuthi akufani yini. WayenguYe owayesesihlahleni esivuthayo.

141 WayenguYe lapha ebukhoneni buka–Abrahama, emzimbeni wenyama, odla ithole, futhi waphuza ubisi oluphuma enkomazini, futhi udla ibhotela elisesinkweni sommbila. Alibusiswe iGama likaNkulunkulu eliNgcwele! Wehlela lapho ngqo wayesethi, “Angiyikushiya . . .”

Futhi Wayefulathele. Wathi, “Abrahama, Ngizokuvakashela, futhi uzoletha lowomntwana. Usuneminyaka eyikhulu ubudala manje, noSara unamashumi ayisishiyagalolunye.” Futhi uSara, ethendeni, wahamba, wahleka. Wathi, “Yini eyenze uSara ahleke na?” Emva kwaKhe; ithende phakathi kwabo.

142 UAbrahama wathi, “Sara, uhlekile na?”

143 “Qhabo, angizange.”

144 Wathi, “Yebo, uhlekile.” Hlobo luni lokufunda igqondo lolo na? Kwakuhlobo luni lokufunda umqondo lolo na?

Wenza okufanayo namhlanje. UnguJehova–jire, Jehova–rafa, onguyena izolo, namuhla, naphakade. Akehluleki neze.

145 Mbukeni. Nango Ema. Waphuma ngqo wayesekhuluma kuAbrahama; wayesenyamalala, ebusweni bakhe. Nokhokho omkhulu uAbrahama wathi wa “khuluma ubuso–nobuso noNkulunkulu, uElohim,” uNkulunkulu ofanayo. Niyakuthola na? Hhayi Abantu abathathu, mfowethu. Izikhundla ezintathu zoMuntu ofanayo!

146 Ekuqaleni wayefana, WayenguMoya omkhulu, uMthombo lapho bonke ubuqiniso, lonke uthando, konke ukuthula. Yonke into eyayimsulwa yayikuloMthombo. Uqala ukubumba umzimba, umzimbamoya, uhlobo lomzimba esiya kuwo. Hhayi umzimba okhazimulisiweyo, kodwa umzimba wobungelosi, njengawo; unokubumbeka, isimo.

147 Njalo uma ngibona isihlahla, ngiyacabanga, “Lesosihlahla singesimeleyo. Kunesangempela ndawondawo.” Lesosihlahla senziwa kususelwa kokokuthile. Ubuhlakani basenza. Futhi konke lomhlaba okwenzayo ngukubonisa okwaseZulwini. IBhayibheli lasho njalo. Futhi uma kukhona isihlahla

lapha esizobhubha, sikhona esisodwa eNkazimulweni esingayikubhubha.

148 Uma ngibona umuntu, ngibona izithandani ezithandekayo ezincane ezizezintsha, indoda nomkayo, behamba behla ngomgwaqo, izithandwa zindawonye. Kubonisani na? Malibusiswe iGama leNkosi! Ukhona owodwa eZulwini ongasoze wabhubha. “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindle, umzimbamoya.”

149 Bese-ke uthola umthathu emunye: uMoya omkhulu, uhlala eNdodaneni, uJesu; uJesu ehlala eBandleni. “Ngalolosuku, niyakukwazi nina ukuthi NgikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini.” Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuJesu; konke uJesu ayeyikho, Wakuthululela eBandleni. Nakho lapho okhona. “Mina ngikuBaba, uBaba ukiMi; Mina ngikini, nani nikiMi.” Kukhona i . . . Nanko uMzimba.

150 Yileyo indaba ngebandla. Bafundiswe intwanyana endala, eyenziwe isitabane, imfundiso yamanenekazi amadala yohlobo oluthize, ahamba ejikeleza futhi abe namasapha amasobho namaphathi amakhadi. Akumangalisi sinesixheke senxushunxushu esinayo. Asizidingi izinhlelo zabantwana namasapha amancane amasobho. Esikudingayo yiVangeli elidala elimahhadlahhadla, namadoda okhoko enenkemba ilenga phandle lapho, futhi ephosa inselelo. Esikudingayo namhlanje, hhayi enye isayensana yezenkolo nesinye isichasiso esibonwa ngokucabanga nje solunye udumo olwenziwe ngumuntu. Sidinga iVangeli elimahhadlahhadla lishunyayelwa ekuKhanyeni naMandla nesibonakaliso sokwenza sikaMoya oNgcwele.

151 Qaphelani lapha manje.

Njengoba asho, wanquma olunye usuku, esho ngoDavide, . . .

. . . uma uJesu wayebanikile ukuphumula, wayengayikukhuluma . . . ngolunye usuku.

Kodwa . . . kubasalele abantu bakaNkulunkulu ukuphumula.

Ngokuba ongenile ekuphumuleni kwakhe, . . . uphumule emisebenzini yakhe, njengoNkulunkulu kweyakhe.

152 Manje sizofundaphi na? UMathewu, amashumi amabili- . . . Isahluko 11, ivesi 27.

Konke engikunikelwe nguBaba, ngikunikelwe nguBaba, ngiqonde ukusho njalo: akakho oyazi iNdodana, kuphela uYise; kulungile, akakho futhi omazi uYise, kuphela iNdodana, nalowo iNdodana ethanda ukumambulela yena.

153 Niyabo, akusikho ukuthi ufunda kangakanani, ukuthi u-umbhishobhi ufuna wazi kangakanani. Kungukuthi

uNkulunkulu ufuna wazi kangakanani. Uma ungenakusibona lesiSambulo, ungambuzi umbhishobhi. Buza uNkulunkulu. Ungabuzi umelusi wakho. Buza uNkulunkulu. “INdodana iyaMembula,” Yena, isabizwana somuntu.

¹⁵⁴ Lalelani. Lokhu kuzonethusa. Nanku umyalo. UPawulu wathi, “Uma Wayeshiye olunye usuku, Wayeyokhuluma ngalo.” Kodwa nakhu Akusho.

Zanini kimi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuninika isabatha, phumuza.

Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi; ngokuba ngimnene ngithobile enhliziyweni; khona umphefumulo yenu iyakufumana isabatha.

Ngokuba ijoka lami lilula, nemithwalo wami ilula.

¹⁵⁵ Bhekisisani ukuthi uPawulu wathini.

. . . uma uJesu wayebanikile ukuphumula, . . . wayeyokhuluma ngolunye usuku.

Kodwa wanquma u . . . suku, esho ngoDavide, . . . emva kwesikhathi esingaka; . . . uma nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni inhliziyu zenu.

“Futhi kusasele . . .” Lalelani manje, ivesi 9.

Ngakho—ke kubasalele ukuphumula, isabatha, abantu bakaNkulunkulu.

Ngokuba ongenile ekuphumuleni kwakhe yena, owesilisa noma owesifazane, . . .

“Zanini kiMi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo. Mina ngiyakuniphumuza.”

. . . uphumulile emisebenzini yakhe, njengoNkulunkulu kweyakhe.

¹⁵⁶ Ungahle ukuba ubuneminyaka engamashumi amabili ubudala. Ungahle ukuba ubuneminyaka engamashumi amathathu ubudala. Ungahle ukuba ubuneminyaka engamashumi amahlanu ubudala. Kodwa umzuzu ozwa ngawo iPhimbo likaNkulunkulu lingqongqotha enhliziyweni yakho, ungayenzi lukhuni. Bese ungena . . . “Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokwangunaphakade, ukuPhila okuPhakade, futhi akasayi ekwahlulelweni kodwa uphumile ekufeni wangena ekuPhileni.”

¹⁵⁷ “Awusho, Mfowethu Branham, kwenzekani na?” Uthola uMoya oNgcwele. UKristu uza angene kuwe. Kunjalo na?

¹⁵⁸ Phenyani kanye nami kuIsaya, isahluko 28, futhi asifunde. UIsaya, isahluko 28, sibone ukuthi umprofethi wathini ngakho. Umathewu . . . 28, siqale evesini 8. Nasi isibikezelo sezinsuku zokugcina. Sizovala emzuzwini.

*Ngokuba onke amatafula liyo, ligcwele ubuhlanzo...
kungabe kubasakho-ndawo ehlanzekile.*

159 Ake ngime umzuzu, njengoba uErnie asho ngobunye ubusuku. Wayekhuluma nomunye. UErnie Fandler, lomfowethu lapha waseSwitzerland, wathi, “Ngama ngase ngikuyeka kuzike.”

160 Ngifuna lokhu kuzike.

... kungabe kusabakho-ndawo ehlanzekile.

Ngokuba onke amatafula ayogcwala ubuhlanzo...

*Futhi njengenja iya ebuhlanzweni bayo...
nengulube... ekuhuquzeni kwayo, kanjalo abantu babuyela emuva.*

161 Yini indaba ngani maMethodisti na? Nanivame ukuba nokuKhanya. Kwenzekani na? UNkulunkulu waKukhipha esandleni senu futhi UKunika amaNazaretha.

Kwenzekani kini maNazaretha na? Nake naba nokuKhanya. UNkulunkulu waKukhipha ezandleni zenu futhi uKunika amaPentecostal. Kuyikho. Nina church of God nani nonke bantu bobungcwele, ngoba nenqaba ukuKhanya, wazihlela wase uthi, “Ngeke sikholwe okwedlula *lokhu*,” UNkulunkulu waphuma waqhubeka ngqo futhi wanikhombisa ukuthi Wayenabantu ababezoMlandela.

162 Kwenzekani kinina maPentecostal na? NaninokuKhanya. UNkulunkulu uKususile kini.

INSika yoMlilo iyaqhubeka. Njalo uma iNSika yoMlilo ihamba, iBandla lalihamba naYo.

Futhi ngenkathi uLuther ehlela, ephuma ebandleni eliKatolika, ibandla lakhe uqobo, iNSika yoMlilo yahamba noWesley wahama naYo.

UWesley wahlela futhi wenza ihlelo lakhe, neNSika yoMlilo yahamba namaNazaretha ahamba naYo.

AmaNazaretha ahlela, nechurch of God yahamba naYo; futhi bathi babengesilo ihlelo, kodwa babeyilo.

163 Kwase kwenzekani-ke na? Into elandelayo eyenzeka, amaPentecostal awubonile uMlilo, futhi asuka ahamba. Futhi nenzani na? Nenza imfundiso ngezilimi, futhi nakuhlela, “Wonke umuntu wayefanele akhulume ngezilimi ngaphambi kokuba babe noMoya oNgcwele,” wase-ke uNkulunkulu esuka ngqo futhi wanishiya nihlezi lapho enikhona.

164 Kwenzekani kinina bakaMunye na? Nathola umbhaphathizo, iGama likaJesu. Nenza imfundiso ngalo, wase uzehlukanisa nakho konke okunye kwaYo, futhi uNkulunkulu wasuka wahamba ngqo wayesenishiya lapho enihlezi khona. Kunjalo.

¹⁶⁵ Kwenzekani kini ma Assembly of God, uMkhandlu oMkhulu omdala na? Nenza inhlango kokwenu, futhi uNkulunkulu wasuka wahamba ngqo wayesenishiya nihlezi. Futhi manje aniseyilutho kodwa esibandayo, isigejane esiyiso ngegama nje njengoba enjalo onke amanye awo.

NeNsika yoMlilo yaqhubeka. Haleluya!

...onke amatafula agcwele ubuhlanzo...

¹⁶⁶ Bukani iSidlo seNkosi sakusihlwa. Ngani, banendawo ngisho yokuthatha isinkwa esingulofu esidala. Nesinkwa sifanele senziwe ngesinkwa esingenamvubelo. Futhi basedlulisela ezonini, kubabhemi bakasikilidi, izifebe, onondindwa, inqobo nje uma benegama labo lisencwadini.

¹⁶⁷ Nani maBaptisti nisibiza ngisho nangokuthi siyisidlo “esiyinguyazana.” Manje, nina maBaptisti nithi ukukikiliga kancane, uNkulunkulu uzobhoncuka uphondo lwenu. Kunjalo impela, ngeke nikwazi ukulupupuzisa. Isidlo “esiyinguyazana,” uyazehlukanisa, nibonakala sengathi ningcwele ukwedlula eniyikho.

Khumbulani, leli yitabernakele leBaptisti. Yilokho enikutholayo, nihlela elenu. “O,” nithi, “asisiyo inhlango.” Yebo, niyiyo. Impela, niyiyo. Nithi, “Siyinhlanganyelo.” Ya, kunoma ubani ongena emnyango futhi afundise nje indlela enikukholwa ngayo, kulungile. Kodwa, oyedwa, ni—ningeke nimphose phandle, kodwa niyomkhipha ebuzalwaneni benu. Kunjalo impela. O, ninendlela yokukwenza. Kanjalo noNkulunkulu unendlela yokukwenza. Kodwa iBandla likaNkulunkulu liyoqhubeka. INsika yoMlilo ayiyikukumela lokho.

...onke amatafula agcwele ubuhlanzo...

¹⁶⁸ Manje lalelani. Manje lokhu kuzonethusa umzuzu nje. Lalelani. Ngizofunda iZwi. Kwakungubani lo? Umprofethi, uIsaya.

...onke amatafula agcwele ubuhlanzo...ngakho akukho lutho ehlanzekile, njeinja—idla—inja.

¹⁶⁹ Beze enkonzweni: abesifazane banqume, baphungule izinwele zabo, bagqoke izikhindi, baphume futhi babone abesilisa beza behla ngomgwaqo; begunda utshani begceke, amantombazanyana afuna ukuzwa othize eshaya lelokhwelo likabhova noma lempisi, noma ngabe kuyini, niyazi, “Vi-viyo!” O, nicabanga ukuthi niyabukeka, anicabangi na?

¹⁷⁰ Nina besilisa nihambe nehle ngomgwaqo, nesigazu emlonyeni wakho, futhi uyidikoni ebhodini. Ubukeka ufana nejongosi lase Texas elinqindwe izimpondo. Bese—ke ucabanga ukuthi ungumuntu othile. Kunjalo impela. Akumangalisi onke amatafula... Wenyuke bese uthatha isidlo, futhi wenze sengathi

ungumuntu othile, futhi ukhohlise futhi webe futhi uqambe amanga, iviki lonke. Yini indaba ngawe na?

... onke amatafula agcwele ubuhlanzo...

171 “O, ngithatha isidlo sakuSihlwa seNkosi. Impela, siyakwenza ebandleni lethu. UJesu wathi Uyosivusa ngezinsuku zokugcina uma sithathe isidlo sakuSihlwa seNkosi.”

172 Kodwa, “Odlaphuze ngokungafanele, uzidlela aziphuzele ukulahlwa, engawahlukanisi uMzimba weNkosi. Ngenxa yalokhu abaningi bayagula futhi babuthakathaka phakathi kwenu, nabaningi bafile,” amadala, afile, amabandla ngegama nje. UMoya kaNkulunkulu uphumile kini. INSika yoMlilo ayisekho lapho. Niyakuphika ukuphilisa kukaNkulunkulu. Niyakuphika ukuvuka.

173 “O,” wena uthi, “o, Wavuka kwabafileyo, ngokomlando.” Awu, uthini ngaYe enguyena namuhla, uma Avuka kwabafileyo na? Wena uthi, “O, lokho akunjalo.” Manje, nakho lapho okhona. Unokuvuka ngendlela okufuna ngayo, noNkulunkulu unakho ngendlela Akufuna ngayo.

174 Kodwa, into yakho ingukuthi, iBhayibheli lathi, esikwazi ngokuthi kuyiQiniso, ukuthi Wayezoliqinisa iZwi. “Nalezizinto eNgizenzayo niyokwenza ezifanayo. Futhi Ngiyakuba nani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe.” “UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade.” Yilokho iZwi elakusho.

175 Manje yini isabatha na?

*... onke amatafula agcwele ubuhlanzo...
akukho-muntu ohlanzekile.*

Ngubani ayakumfundisa ukwazi na?

Hhayi ukwazi kwezwe; ukwazi kokomoya!

Ngubani ayakumfundisa ukwazi na? Aqondise bani isifundo?

176 “O, akabusiwe uNkulunkulu, inhlangothi yethu ayikukholwa Lokhu. Babengazihlanganisi naLokho.”... khathal’ukuthi inhlangothi yakho ikholwa yini. Lithini iZwi likaNkulunkulu ngakho na? “O, awu, abelusi bakithi, niyazi, bafundile.” O, impela. Ngempela, banemfundo engaka, bashiya uNkulunkulu ngayo. Qiniso, ngokuba ungabatshela iZwi futhi bayohambahamba futhi bathi, “Awu, angilikhohla nje ngaleyondlela.” O, wena-nto eyenziwe isitabane! Ake nginitshele.

177 Bukani lapha.

... ngubani ayakumazisa isifundo na? yibo abalunyuliweyo ebeleni, ne... yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni.

178 Ngoluny’usuku, umakhelwane wami uyafika. Wathi, “Billy, umelusi othile lapha edolobheni, umuntu omncane

othandeka kakhulu impela owake wambona. . .” Wathi, “Unkosikazi nami sasihlezi sigqoke amapijama ethu, cishe phakathi nobusuku, nalowomelusi omncane wangena egijima wa—wa—wayesephuza ikhofi nathi wayesethathela eya ngale kwenye indlu kamakhelwane, wayesebaxhawula. Babenomdlalo omncane wamakhadi, wayesehlala phansi wayesedlala amakhadi nabo.” Wathi, “O, wayengumfo omncane oxhumana kakhulu impela nomphakathi osewake wambona.” Wathi, “O, siyamthanda. Sasingeke samyekela amahhala.”

¹⁷⁹ Ngama lapho kancanyana, ngacabanga, “Awu?”

¹⁸⁰ Wathi, “O, awucabangi ukuthi onke amabandla adinga indoda enjengaleyo na?” Hhe! Angikwazanga ukukuphendula lokho. Wathi, “Kwenye indawo encane,” wathi, “babendawo ethandeka kanjani pho. Lomfundisi nomkakhe, abantu abathandekayo, baphuma futhi basebenzana nabantwana kakhulu impela baze baba ne—neBhayibheli sikole.” Wayesethi, “Babeneziningi impela nje, nje bayichichimisa into ngabantwana abancane.” Wathi, “He, uyakwazi ukuxoxa zonke izinhlobo zezindatshana kubantwana abancane.”

¹⁸¹ Ngathi, “Lokho kuhle. Lokho kuhle kakhulu.”

¹⁸² Ngabayela emuva. Ngisanda kuvela eCanada nje. Ngacabanga, “Nakhu la engikhona. He! Abantu. . . Yini indaba ngami na? Angikwenzi lokho.” Ngahamba ngayowasha imoto yami. Ngacabanga, “Nkulunkulu, sengiba yikhehla, futhi nakhu lapho engikhona. Ngilwile. Ngikhalile. Nginxusile. Nanoma yini engiyitholayo ngukuhlambalazwa okukhulu.”

¹⁸³ Noma yini, umuntu ake asho into embi ngawe, “O, umgingqiki ongcewele omdala,” into enjengaleyo.

¹⁸⁴ Ngicabange ngalokho. NePhimbo lifika kimi, lathi, “Lawomadoda ilungile uma enza lokho, kodwa Angizange ngikubizele ukuba wenze lokho. Ngakubizela ukuba uthathe iNkemba futhi ume lapho njengoJoshuwa futhi uphose inselelo, mzalwane. Hhayi ukuba uhambe uzilulaza nomphakathi othize omdala noma enye inhlango yebandla, kodwa uphosele inselelo uDeveli. Ume endaweni yangaphambili, wenze okulungile kube ngokulungile, nokungalungile kube ngokungalungile. Ushumayele iZwi futhi uthole ukuthi ubani onokukholwa ukuLikholwa. Leneke phandle lapho.”

¹⁸⁵ Ngase ngishesha ukuwasha leyomoto, ngaso sonke isikhathi, ngiwasha. Ngathi, “Ngiyakubonga, Nkosi. Ngiyakubonga, Nkosi.” Ngazizwa ngikahle—ke. “Kulungile, Nkosi, Ngizoyixhakathisa ngiyiqinise kakhudlwana, futhi ngifuna ukufa naYo esandleni sami.”

. . . ngubani engingamazisa isifundo na? (Lalelani.)

. . . amatafula agcwele ubuhlanzo. . .

. . . yibo abalunyuliweyo obisini, basuswa emabeleni.

Manje bhekisisani.

Ngokuba kuyisiyalezelo njengaleso phezu—phezu kwesiyalezelo, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo;... umudwa phezu komudwa; lapha ingcosana nalapho ingcosana:

Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu.

Akade kushiwo kubo ukuthi, Lokhu yisabatha eniyakuphumuza abayethileyo; lokhu kuyizihlumelelo: kepha abathandanga ukuzwa.

Ngokuba izwi leNKOSI lafika kubona, ukhona owaLishumayela, isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, ... phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa, ... phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana; ukuze bahambe, bawe nyovane, baphuke, bacushwe, babanjwe.

186 Yini ukuPhumula na? Kwafika nini ukuPhumula na? Ngenkathi abantu bekhuluma ngezinye izilimi futhi benezilimi ezingingizayo. Izilimi ezingingizayo; babengakhulumi lutho. Bangingiza. Kwenzeka nini lokho na? NgoSuku lwePhentekoste, ngenkathi kufika uMoya oNgcwele. Lokho ngukuPhumula: uMoya oNgcwele. UJesu wathi, “Zanini kiMi, nonke nina eniyethileyo nenisindwayo, futhi Mina ngiyakuniPhumuza. Ngiyakuninika ukuPhila, ukuPhila okuPhakade,” iZoe, ukuPhila kukaNkulunkulu uqobo. UNkulunkulu uyoza angene kuwe futhi abe yingxenywe yakho. Uyokunika ukuzalwa futhi akwenze indodana nendodakazi.

187 Manje bhekisisani. Lokho kwakungukuPhumula kwesithathu Akunikezayo. Okokuqala: uNkulunkulu wakwemukela, emsebenzini waKhe. Okwesibili: uIsrayeli wakwemukela, emthethweni. Okwesithathu: iBandla laKwemukela, njengenxenywe kaNkulunkulu.

188 Isithathu yinombolo yokuphila. Bangaki okwaziyo lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Njalo uma ubona okuthathu, ngukuphila. Qaphelani, ngenkathi uNkulunkulu edala umhlaba, ngosuku lwesithathu kwaba ngukuphila. Bangaki okwaziyo lokho na? [“Amen.”] Usuku lwesithathu. Kwafika ukuphila ngosuku lwesithathu lokudaliweyo.

Ubuthathu: uYise wayephezu kwabantu, eNsikeni yoMlilo; iNdodana kwakunguMuntu, owakhuluma kubantu wayesebenza balungela; uMoya oNgcwele waba yisinyathelo sesithathu, okwabe kunguMoya oNgcwele, uNkulunkulu kubantu. UkuPhila! UYise, iNdodana...

Ukuphumula, kukaNkulunkulu; ukuphumula, kukaIsrayeli; nokuPhumula, kweBandla, ukugcina isabatha.

189 Ngakho, uma ungakaze uwemukele uMoya oNgcwele, nokho, awukaze ungene ekuPhumuleni kukaNkulunkulu. Awudingi ukuba uthi, “O, ngangingeke. oNgifuna ukubhema. Nje ngi—ngingekwenze; ngingumKristu. Nje angifuni ngempela ukuphuza, kodwa ngingumKristu. Nje ngingeke, angifuni ukuphuza, kodwa nokho ngiyathanda.”

190 Uma ukhanukela abesifazane, uma wenza zonke lezizinto zokungamesabi uNkulunkulu, awukazitheli kulesosikhathi sokuPhumula namanje. Awukaze ungene ekuPhumuleni kwakho.

191 Futhi uma ungena kulokhu ukuPhumula, uphumula ngokuthi ukhawuke kweyakho imisebenzi yezwe, njengoba uNkulunkulu enza kweyaKhe. Ngani na? Wena uyingxenyekaNkulunkulu. Uyaphumula, Phakade. Nakho lapho okhona. Lelo yiSabatha. “Zanini kiMi, nonke nina enikhatheleyo.”

Namuhla, wanquma *usuku oluthile... emva kwesikhathi esingaka*, kuDavide; *nxa nilizwa izwi lakhe, ningazenzi lukhuni izinhliziyu zenu.*

192 Izwi nje noma amanye amabili lapha manje, sizovala.

Ngokuba ongenile ekuPhumuleni kukaKristu, . . .

Zanini kimi, nonke nina enikhatheleyo nenisindiwayo . . .

. . . uphumulile emisebenzini yakho, njengoNkulunkulu kweyakhe, ngosuku lwesikhombisa.

Eyakho ingahle ukuba isingeyonyaka wamashumi amathathu, yonyaka wamshumi amane, yonyaka wesihlanu, noma ngabe kuyini. Uphumule ngokuthi ukhawuke emisebenzini yakho, njengoba uNkulunkulu enza kweyaKhe, Phakade. Awusafuni ukubuye ufune izinto zezwe. Izwe lifile kuwe.

193 Manje, ivesi 11 manje, ngokusondela.

Ngakho—ke masikhuthalele ukungena kulokhokuphumula, (hhayi lokhu, hhayi lokhu, kodwa Lokhu), ukuze kungawi—muntu ngalesosiboniso sokungalaleli.

194 Kuyini na? INSika yoMlilo ilapha. Ingelosi yeNkosi inathi. Yenza zona impela izinto ezifanayo Eyathi Yayizozenza. Nabantu bahamba bekhubeka, bethi, “O, awu, ngiqagele Kulungile. Lokho kuhlana. O, ngiqagele Kulungile.” Qaphela ukuthi awuweli esicuphweni esifanayo sokungakholwa. Kuthathe ngenhliziyu yakho yonke.

195 Bhekisani.

Ngokuba izwi likaNkulunkulu (hhayi imfundiso yebandla) . . . izwi likaNkulunkulu libukhali kakhulu, linamandla kakhulu, libukhali kunezinkemba zonke

ezisika-nhlangothi zombili, (lalelani), lihlabane kuze kwahlukaniswe umphefumulo, umoya, amalungu nomkantsha, la... (lalelani), lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyu.

Kwakuyini leyo na? UMoya oNgcwele ungafika bese uthi, “Wena wenza into *ethize-thize*. Futhi wenza *lokhu* futhi wenza *lokho*. Unalolu uhlobo lwesifo, nalolo. Uma uzolungisa *lokhu*, uzokwenza *lokho*.” Niyabo? Lahlulela imicabango.

¹⁹⁶ Nabantu bathi, “Yini lokho na? Ngani, kungukufunda umqondo. Ngani, yi... Ungumbhuli.” Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngelibi, izwe elidala eliphingayo elingamazi uNkulunkulu.

¹⁹⁷ “Liphilile kakhulu, lingumcabangi, linamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili, futhi lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyu.”

Manje, yini le eyazi izizindlo zenhliziyu ya? UNkulunkulu. Wena uthi, “Awu, iBhayibheli lathi, ‘IZwi likaNkulunkulu.’” IZwi likaNkulunkulu linguNkulunkulu.

Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.

ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu, ...

¹⁹⁸ UNkulunkulu wahlulela imicabango. UAbraham wayefulathele, futhi-futhi kanjalo noNkulunkulu Wayefulathele ithende. NoSara wahleka. NoNkulunkulu wajika, wathi, “Yini eyenze uSara ahleke na?” Lahlulela imicabango yenhliziyu! Ngifuna lokho kuzike kancanyana.

¹⁹⁹ Manje-ke uma leyonhlobo yenkonzo equbukayo, uNkulunkulu ayethembisa ngosuku lokugcina, kwenzekani na? “Ukufunda umqondo.”

²⁰⁰ Abayibizanga yini iNkosi, uqobo lwaYo ngokuthi ngu “Belzabule na”? Yathi, “Uma bebize uMninindlu ngo ‘Belzabule,’ bayobabiza kangakani-ke abafundi baYo na?”

²⁰¹ Ngiyanithanda. Kukhombisa ukuthi nikhathalele ngokwenele, anidingi ukuze nize endlini eneshayisamoya ukuze nize iVangeli. Nilambe ngokwenele ukuba nize endaweni enjengale. UNkulunkulu wayengeke neze asivumele sakhe lutho kodwa le. Siyithanda ngalendlela. Umjondolo omdadlana nje, kodwa yileyo ndlela esiyithanda ngayo. UNkulunkulu akahlali ebukhazikhazini. UNkulunkulu uhlala ekuthobekeni. Siyithanda ikanje. Siyajabula ukuza, nani niyajabula, futhi, ukuhlala e-endaweni enje. Akunandaba ukuthi ishisa kanjani, ukuthi ujuluka kangakanani esudwini yakho entsha, ingubo yakho entsha, lokho akwenzi-mehluko.

Nilalele ukuPhila okuPhakade, eZwini likaNkulunkulu elazi imicabango yenhliziyu yenu. INSika yoMlilo eyalenga phezu kwabantwana bakwaIsraye, ilenga lapha kulobubusuku.

Bengingakuphosela inselelo: akukho–muntu obengama lapha phansi kwamandla kaMoya oNgcwele ngaphandle kukaNkulunkulu nje emchitha ephuma ngqo futhi emtshela ukuthi wayeyini. Lokho kunjalo. Nakho lapho okhona.

²⁰² Kuyini na? Kuyini na? NguMoya ofanayo owahola abantwana bakwaIsrayeli beya ekuphumuleni kwabo, futhi bawa ngenxa yokungakholwa. Ningawi. Leli yithuba lokugcina. UYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, ukuPhila kuvela lapho.

²⁰³ Ukulungisiswa, uMartin Luther, kusalokhu kuyinkolo ebunjiwe. Ukungcweliswa...uMartin Luther; uJohn Wesley; umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukuPhila. Ukulungisiswa, ngukugxolwa; ukungcweliswa, ngukuhlanza; uMoya oNgcwele, ngukugcwalisa, ukuPhila. Hhayi ngonyaka weLuthela; babenaWo usekubumbekeni. Hhayi ngonyaka kaWesley; babenaWo usekubumbekeni. Kodwa ngunyaka ngenkathi uMoya oNgcwele ufika, qobo lwaKhe.

²⁰⁴ Futhi uma ungakaMemukeli, ukwenza kanjani, ungazikholwa izimangaliso na? Lokho kuthatha uNkulunkulu, ekuwe, ukukholwa. Wenza njengoNkulunkulu. Wazi njengoNkulunkulu. Ucabanga njengoNkulunkulu. IBhayibheli lathi ningabasebancane, “onkulunkulu” abancane. UJesu washo njalo. Ngokuba, niyingxenye kaNkulunkulu.

Kuyafana nje njengoba nginguBranham omncane, nawe umgomncane noma ngabe ungubani, futhi ngoba abazali bakho uyilelogama. Imvelo oyiyo iyingoba abazali bakho ungaleyondlela, ngoba wazalwa yibo.

Nesizathu sokuthi nikholwa nguNkulunkulu, futhi nikholelwa ezimangalisweni, nezibonakaliso nezimanga, ngoba ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Nemukela ukuPhila. Ukuphila kufika ngokwesithathu. Kulungile.

²⁰⁵ Ngenkathi uJesu enyukela entabeni, nomaphi lapho Ayeya khona, Ubethatha uPetru, uJakobe, noJohane, ofakazi abathathu. Isithathu yinombolo yokuPhila. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uthando, ukujabula, ukuthula.

²⁰⁶ Manje, asihambe masinyane manje siye ekupheleni kwesahluko, masinyane, njengoba sifunda.

Ngokuba izwi likaNkulunkulu liphilile kakhulu, linamandla kakhulu kunezinikemba zonke ezisika–nhlangothi zombili, . . . futhi lahlulela ngisho nezizindlo zehliziyo.

Futhi akukho–nto edaliweyo engabonakaliswanga phambi kwakhe: kepha konke kusobala emehlweni akhe esiyakuzilanda kuye.

²⁰⁷ Mfowethu, akukho neyodwa impukane engehlela esigxotsheni lapho, engayazi Yena. “Konke kusobala.” Mfowethu, Wazi yonke into owake wayenza, nayimuphi

umcabango owake wacabanga ngawo. Yilokho Ayikho. SiMkholwa kanjalo.

Futhi nxa uNkulunkulu eza ukuba angene kithi, bese esihlalisa eBandleni, UFaka iziphiwo nezinto eBandleni, ukusebenzisa uBuyena baKhe. Uma uNkulunkulu eyilowoNkulunkulu ongenasiphelo, khona-ke Uphilisa abagulayo. Angavusa abafileyo. Angahlanza abanochoko, enze izimpumpithe zibone. Anganikeza imibono. Angenza zonke izinhlobo zalezizinto, esebenza ngeBandla laKhe, ngoba nguNkulunkulu kini. Nanto iBandla.

²⁰⁸ Liba kanjani lelobandla yiBandla, ngokuLijoyina na? Qhabo, mnumzane. Ngokuxhawulana na? Qhabo, mnumzane. Ngombhaphathizo wamanzi na? Qhabo, mnumzane. Ngobulunga na? Qhabo, mnumzane. ULithola kanjani na? “Ngokuba ngaMoya munye thina sonke sabhaphathizwa sibe Mzimba munye.” Nakho lapho okhona.

²⁰⁹ KwabaseRoma 8:1.

Ngokuba akusekho ukulahlwa . . .

“Akusikho ukulahlwa ngokwezwe.” Bangeke banimangalela ngalutho.

Akukho . . . ukulahlwa kulabo abakuKristu Jesu, abangasahambi ngokwenyama, kepha ngokukaMoya.

²¹⁰ Nakho lapho okhona. Behlulelwa kanjalo-ke ubuKristu bakho. Wazi kanjalo-ke ukuthi ungenile kulokho kuPhumula, izwe alibe lisakukhathaza. Impela. Uyalibona, usuke kulo. Unento engcono ongacabanga ngayo. Nakho lapho okhona, “Akusekho ukulahlwa.” Singena kanjalo-ke eMzimbeni.

²¹¹ Futhi uphephile, “Njalonjalo.” IBhayibheli lasho njalo. Bukani ngapha kumaHeberu, isahluko 10. Wathi:

Ngokuba lapho kukhona iminikelo yezinkunzi nomhlatshelo, kwakukhona ukukhunjulwa kwesono minyaka ngeminyaka.

Kepha lomuntu, . . . ngomhlatshelo waba-munye.

Alibusiswe iGama laKhe elingwele!

Ngokuba ngomhlatshelo munye uphelelise njalonjalo . . .

²¹² Haleluya! Hhayi okwemvuselelo elandelayo, kodwa njalonjalo. “Okudala kudlulile; futhi konke sekukusha.” Sihamba ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle. Izinyoni zikhala ngokwehlukile.

²¹³ Ngihlezi lapha, ngibuka lo ohlulwa wuphuzo omncane, cise eminyakeni emihlanu eyedlule, ngiqagele. URosella, ilulwane elihlulwa wuphuzo, ehla ngemigwaqo yaseChicago, edakiwe, ehamba etwista, ehamba kulo lonke uhlobo lwesono esasikhona, edakiwe nakuyo yonke into ayengaba yiyo.

Futhi ngobunye ubusuku, uMoya oNgcwele, ophile kakhulu nonamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili, wathi, “Sifazane, ungohlulwa wuphuzo.” Haleluya! Uma lowo kungesuye uNkulunkulu ofanayo owayesemuva ngaleyay, owayazi ukuthi uSara wahleka emva kwaKhe, angazi ukuthi Uyini.

²¹⁴ Phezulu kwizethameli komunye owesifazane omncane. Wahamba wayesethola, wayesengeniswa lapho. Wathi, “Wena ungumshushumbisi wezidakamizwa.” Ukuthi Uyehlulela kanjani imicabango yengqondo!

²¹⁵ Nabefundisi abakhulukazi abayizikhulu behlezi lapho, onobuvangeli bomhlaba wonke, nezandla zabo zisongelwe ngemuva, befake izikibha, babecabanga ukuthi sasingabazi, sengathi babengahlala emhlanganweni kanjalo noNkulunkulu angembali ukuthi babengobani. Behlezi lapho, bebukeka behlukile, sengathi babengomunye umuntu. UMoya oNgcwele wawubazi ukuthi babengobani. Futhi bahlala lapho, ezinhliziyweni zabo, babecabanga ukuthi Kwakungukufunda ingqondo. Abazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu belingazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo. BaLazi ngegama, kodwa hhayi ngoMoya. “Igama liyabulala, kodwa uMoya uyaPhilisa.” Yilokho-ke. Yilowo-ke umqondo. “Liphilile kakhulu, linamandla kakhulu kunenkemba esika-nhlangothi zombili, lahlulela imicabango yenhliziyoy.”

²¹⁶ Lalelani. Bhekisisani.

Futhi akukho-nto edaliweyo engabonakalisiwe phambi kwakhe: kepha konke kwambuliwe kusobala phambi emehlweni akhe kuye. . . esiyakuzilanda kuye.

Ngakho-ke lokhu sinompristi omkhulu. . . (Lalelani manje; kwabagulayo). . . odabulile amazulu, uJesu iNdodana kaNkulunkulu, masibambelele kuso isivumo sethu.

²¹⁷ “Bambelela,” lokho akusho nje ukuthi yiba ulokhu ufakaza. Uma ungayiphili impilo, awukubambisisi; uphila into enokuzenzisa. U. . . Kungcono uphume uthi qekelele futhi nje uthi uyisoni futhi ukhohlwe yikho. Ungazisho ukuthi ungumKristu, uphile enye into; uyisikhubekiso esikhulu kunazo zonke izwe eselike laba naso. Uma uyisoni, kuvume bese, uqhubeka, ulungisane noNkulunkulu. Uma ungumKristu, bambelela esivumweni sakho, hlala lapho.

²¹⁸ Bhekisisani lokhu manje. Ngifuna ukufaka lokhu nje ngaphambi kokuba sihambe.

Ngokuba asinaye umpristi omkhulu ongenakuzwelana nobuthakathaka bethu; kepha olingiwe kukho konke njengathi, nokho engenasono.

Lalelani.

Ngakho-ke masisondele ngesibindi esihlalweni somusa, ukuba samukeliswe isihawu, sifumane umusa nowokusiza ngesikhathi esifaneleyo.

Alibusiswe iGama likaNkulunkulu!

219 Lalela, Baptisti, Presbyterian, Luthela. Nizongibuza lombuzo, “UAbrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga.” Ngiyazi. Yilapho eniya khona njalo. Lokho kuqinisile. “Yini enye umuntu angayenza ngaphandle kokumkholwa uNkulunkulu na?” Kunjalo impela. Yilokho kuphela angakwenza. Kodwa nxa uNkulunkulu ekuvuma lokho kukholwa, Ukunika uMoya oNgcwele.

220 “Manje ngenzani, Mfowethu Branham na? Ngiyamemeza na?” Akudingekile. “Ngikhuluma ngezilimi na?” Akudingekile. Ungamemeza futhi ukhulume ngezilimi, kokubili, futhi ube usalokhu uphila njengo—njengomhedeni, futhi ube usalokhu ukhanukela abesifazane. Ungabe usalokhu ubhema futhi uphuza, nayo yonke enye into. Ngibabonile abantu bekhuluma ngezilimi, futhi baphume ngqo futhi badonse okunye okungcole ukwedlula konke, okunobutha engake ngakubona. Ngibabonile bememeza, futhi bakhale izinyembezi zengwenya, futhi bayokweba noma yini oyitholayo. Ngibabonile bephuma, nayo yonke intombazane eyehla ngomgwaqo, ijike. Ehhe. Leso yisibonakaliso esisodwa esihle sokuthi awunaWo. Kunjalo.

221 Kodwa, mfowethu, uma wedlule ekufeni wangena ekuPhileni, zonke lezozinto ziba ngezifileyo, futhi usuyisidalwa esisha kuKristu Jesu. Uma ubona into engalungile, uyoyikhulekela, “Nkulunkulu hawukela.” Futhi uma ubona izinkathazo, esikhundleni sokuhamba futhi uncetheza, nokuzama ukukwenza kube kubi kakhulu, uyozama ukufka kumuntu bese uyakuqondisa, bese uyakuthulisa ngokukhulu ukushesha. Lowo nguMoya kaNkulunkuu kuwe.

222 Uma wenza iphutha na? Usawenza. Uma wenza iphutha, uyolilungisa ngokukhulu ukushesha. “Ungavumeli ilanga lishone ekuthukutheleni kwakho.” Wazi kanjalo-ke ukuthi wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni, unothando, ukuthula, ukujabula, ukubekezela, ubuvi, ububele, ukukhuthazela. SinomPristi oMkhulu ohlezi eZulwini, ulungele ukwenza ukunxusela phezu kwesivumo sethu. Kuyini na? Kungenkathi uJesu ebuyela eZwini-mcabango, iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwaIsrayeli, ehlezi eBukhoni balezo ezinkulu, umthombo, uthingo lweziNkanyiso eziphumayo, imiMoya ephelele eyisikhombisa, uMoya ophelele wothando.

223 Manje bhekisisani. Olokuqala wuthando *oluphelele*, lolu wuthando lukaNkulunkulu, olumsulwa nolungaxutshwe nalutho. Olulandelayo, olungena lapho, wuthando *ifilyo*, lolu wuthando onalo lomkakho nabantwana bakho. Olulandelayo, amathonsi emva kwalokho, wuthando *lwenkanuko*.

Olulandelayo wuthando *lokungamesabi uNkulunkulu*. Futhi kwehle njalo kuze kube ngukungcola, kulokhu nje kuphendukeyela, kuphendukeyela.

²²⁴ Futhi yonke into eyayinokuqala, inokuphela. Nakho okonke lokho kuyosuswa, futhi kungabikho–kukhunjulwa kwakho, nhlobo, bese kubuyelwa ngqo ekupheleleni, ngoluny’usuku. Futhi indlela kuphela. . . Ungeke wama phansi lapha, indlela enguhhafu wendlela, bese wenyukela *lapha*. Ufanele ungene yonke indlela, wethemba, uphumule ngokuphelele ensindisweni uJesu Kristu akupha yona, ngokukholwa.

²²⁵ Nanko uMoya wokwethembeka ovela kuNkulunkulu. Lowo ngumthombo, umthombo kaNkulunkulu. Lokho ngukwethembeka. Olandelayo ngumuntu oyokwenza “isenzo esilungileyo” kumakhelwane wakhe. Olandelayo ngumfo, “uzofanele umbhekisise.” Olandelayo ngumfo, o “yisela.” Olandelayo, ngumfo, “ngumbulali,” phakamisa. Niyabona ukuthi kuphendukeyela kanjani, kwehle njalo na? Kodwa zonke lezozinto zikhuluma ngokuyikho ngempela.

²²⁶ Yilokho engikushoyo. Njalo uma ubona umuntu o. . . Ubona izithandani ezincane zihamba zehla ngomgwaqo, izithandwa, mhlawumbe zineminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Kuphela kukhuluma ukuthi eZulwini kunezithandani ezisencane ezibamele, eZulwini. “Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilika, sinalo elilodwa Lapho.”

²²⁷ Uma nibona umuntu okhohlisayo, owebayo, oqamba amanga, khumbulani nje, ingxenye yakhe imlindele, esihogweni, indawo yakhe lapho eyohlushwa khona eBukhoneni bukaNkulunkulu neziNgelosi ezingcwele, ngomlilo nesibabule. Uyohlushwa lapho. Hhayi kuze kube–phakade, angeke ahlushwa kuze kube–phakade, kuze kube–phakade akusho khona ukuthi konke, ngazo zonke izikhathi. IPhakade lingukuze kube–phakade, iPhakade li. . . alinakuqala noma nakuphela. Kodwa *ukuze kube-phakade* yi “banga lesikhathi.” IBhayibheli lathi, “Kuze kube–phakade na,” isihlanganiso, “phakade.” UJona wathi wayesisiswini somkhomo “kuze kube–phakade.” Yibanga lesikhathi.

²²⁸ Kodwa, bukani, kunye kuphela ukuPhila okuPhakade, nalowo nguNkulunkulu. Futhi uma uzohlushwa kuze kube–phakade, futhi ungasoze wafa, unokuPhila okuPhakade. Ungeke wahlushwa kuze kube–phakade. . . Ungahle uhlushwe iminyaka eyizigidi eziyikhulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu neziNgelosi ezingcwele, ngomlilo nesibabule. Angazi ukuthi kukhonjelwe isikhathi esingakanani. Kodwa kuzothi ekugcineni kufike ekupheleni ngoba kwakunokuqala. Futhi uNkulunkulu yedwa unokuPhila okuPhakade. “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo,” akanakho ukuphila *kuze kube–phakade*, “unokuPhila okuPhakade.” Lokho kuPhila

okuqalayo, akulutho *ngapha*. Kodwa yonke indlela kwenyukele Lapho, ukuPhila okuPhakade, *iZoe*, ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo lwaKhe kuyehla futhi kuhlala kumuntu, futhi uPhakade noNkulunkulu, futhi angefe. Lasho njalo–ke iZwi.

229 Ake nicabange ngakho nje. Ngabe kukhona yini okuPhila okuPhakade ababili na? Ubungeke wakuphendula lokho, ubungakuphendula na? Kunye ukuPhila okuPhakade, nalokho ngukuPhila kukaNkulunkulu. Lolu olunye uhlobo lokuphila, akunandaba ukuthi luyini, lunokuphela kulo. Futhi noma yini enokuqala inokuphela. Kodwa noma yini eyayingenakuqala ayinakuphela. NoNkulunkulu wathi Wayezosinika ukuPhila okuPhakade, okungenasiqalo, senziwa nje saba yingxanye yaKhe. Futhi eqinisweni ukuPhila okukithi, akulethwanga lapha yimvelo yomuntu. Imvelo isinika umoya, kodwa lowomoya wafa, futhi sinoMoya kaNkulunkulu. Udumo kuNkulunkulu!

230 Ngabe uNkulunkulu wayengumuntu na? Impela. “Masenze umuntu ngomfanekiso wethu.” Wayeyini uNkulunkulu na? Umzimbamoya, umzimba. Nalapho umuntu wenziwa kanjalo wayesebekwa phezu kwensimu. Kodwa kwakungekho–muntu wokulima umhlabathi, emizweni. Wabe–ke Esedala umuntu ngothuli lomhlabathi, empilweni yezilwane, nalowomuntu walima umhlabathi. Nomuntu wawa, ngesiphambeko. Kuyikho. Futhi uNkulunkulu, umzimbamoya, uyehla wase wenziwa inyama wase wakha phakathi kwethu, ukuhlenga umuntu.

231 Ngakho akukho obungakwenza. Uyisoni, okokuqala nje. Ubunjwe ebubini. Uzalelwe esonweni, uza ezweni ukhuluma amanga. Wazalelwa lapha kulelizwe ngesifiso socansi sikayihlo nonyoko. Futhi nje uqonde ngqo esihogweni ngakho konke, angikhathali ukuthi wenzani. Ungahle ungawaqambi neze amanga, webe; ugcine yonke imiyalo, nakho konke okunye; futhi uyoya esihogweni, njengenkonjane imartini ebhokisini layo. Kodwa indlela kuphela oyoke uphinde uphile ngayo, ngukwemukela uMoya oNgcwele, ukuPhila okuPhakade kukaNkulunkulu.

232 Yini eyakwenza ube yilokho oyikho na? Ekuqaleni, ngenkathi uMoya oNgcwele ufukama phezu komhlaba, kwakungekho lutho kodwa ukuqubuka kwentabamlilo. Imbali encane yePhasika iyavela. UNkulunkulu wathi, “Lokho kubukeka kukuhle. Qhubeka nje ufukama.” Kuvela izimbali. Kuvela utshani. Kuvela izihlahla. Izinyoni zandiza ziphuma othulini. Kuvela izilwane. Kuvela umuntu.

233 Manje, kwenziwa kanjani na? Ngokufukama kukaMoya oNgcwele, uhlanganisa lezimpahla ndawonye, isakhimzimba ipotashi, isakhimzimba ikhalsiyamu; enza izimbali, enza isilwane, enza wena.

234 Futhi manje, unokuzikhethele ngokukhululeka. UNkulunkulu ubuye ufukamela kuwe, futhi uthi, “Niyalizwa

iPhimbo laMi na? Ungayenzi–lukhuni inhliziyo yakho, njengasezinsukwini zokucunula.” Nangu Eza ehla, eshumayela iZwi.

“IVangeli elashunyayelwa kubo ali...babengenakho ukukholwa kuLo, ngakho Alibasizanga.” BaLizwa, kodwa abaLikhohlwanga.

²³⁵ UNkulunkulu uyehla. Wabakhombisa iNsika yoMlilo. Wakhombisa ngabaprofethi baKhe, izibonakaliso nezimanga, Wayenaye. AbaYikhohlwanga. O, babethanda ukubona izimangaliso. Babethanda ukuzwa umprofethi. Kodwa mayelana nokuYikholwa, abazange. Izimpilo zabo iyafakazisa ukuthi abazange.

²³⁶ “Manje,” Wathi, “ningawi ngalesosibonelo esifanayo sokungakholwa.” Ngokuba ngalolusuku lokugcina, kwibandla labeZizwe, uNkulunkulu ubonakele futhi; isibonakaliso esifanayo, isimanga esifanayo, iNsika yoMlilo efanayo, yaqinisekisa, yafakaza. Masingazenzi–lukhuni izinhliziyo zethu futhi siwele kulesilingo emuva ngaleya, sokungakholwa, ngokuba siyobola emhlabeni nalokho kuyoba ngukuphela kwakho.

²³⁷ Futhi uma uMoya oNgcwele ungqongqotha enhliziyweni yakho, [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti–Umhl.] “Emva kwesikhathi esingaka, uma nizwa iPhimbo laMi, ungayenzi lukhuni inhliziyo yakho.” Uthi, “MntanaMi, leli yiQiniso.” Ungabuki isithunywa. Lalela uMlayezo. Ukhohle. “Ungayenzi–lukhuni inhliziyo yakho, njengasezinsukwini zokucunula.”

²³⁸ Uma ezwa “iPhimbo laKho,” ungayenzi–lukhuni inhliziyo yakho. Bese-ke uthi, “Yebo, Nkosi, ngiyakholwa.” Bese ungena ekuPhileni, uMoya oNgcwele uza ungene kuwe. Umoya wakho omdala uyaphela, okwenza ukhanuke futhi uzonde, nenhliziyo embi nobutha, ne–nenzondo nazo zonke lezozinto, kuyaphangalala. Bese uba ngogcwele uthando, ukujabula, ukuthula, ukuphumula. Akunandaba ukuthi umoya uvunguza kanjani, kulungile.

Ihange lami libambelela phakathi kweveyili.
Kuso sonke isiphapho esiphakeme
nesinesichotho,
Ihange lami libambelela phakathi kweveyili.
Ngokuba, ngima kuKristu, iDwala eliqinile;
Yonke eminye imihlabathi yisihlabathi
esibishayo.

²³⁹ Nakho lapho okhona. UEddie Pruitt, njengoba abhala leluculo elidumileyo. “Yonke eminye imihlabathi,” onke amahlelo, zonke izivumokholo, zonke izimfundiso, ziyashabalala. UKristu!

Wena uthi, “Awu, ngiyalazi iBhayibheli.” Awunakho ukuPhila ngokwazi iBhayibheli.

“Ngiyalazi ikhathekizima lami.” Awunakho ukuPhila ngokwazi ikhathekizima lakho.

“Awu, ngingumKristu.” Awunakho ukuPhila ngokuzisho ubuKristu.

²⁴⁰ UnokuPhila ngokwazi Yena. Ukwazi Yena, unokuPhila. “Bese-ke ungena ekuPhumuleni kwaKhe. Uphumula ngokukhawuka kweyakho imisebenzi, njengoba uNkulunkulu enza kweyaKhe.” Wenziwe iNdodana kaNkulunkulu, umhlanganyeli kaNkulunkulu. Futhi uma lowo—uma lowoMoya oNgcwele ukuqomisa, nawe bese uyaqoma bese uthi, “Yebo, Nkosi,” noma ukukhala njengejuba.

²⁴¹ Guu, “Zanini kiMi, nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo. Mina ngiyakuniPhumuza.”

²⁴² Bese wena uthi, “A, ngisemncane. Ngine...O, umelusi wami aka...Eningakwenza kuphela...” Uyabo? Awusoze waKuthola.

²⁴³ Kodwa uma uthi, “Yebo, Nkosi yami. Ngiyalizwa iPhimbo laKho. Angiyenzi-lukhuni inhliziyo yami. Angikhathali, Nkosi, YiZwi lakho futhi ngiyaKukholwa. Ngithathe Jesu. ‘Njengoba nginje, ngingenaso nesisodwa isi’celo, kodwa ukuthi iGazi laKho lachithelwa mina. Futhi lapho ngizothembisa, “Ngizokholwa.” O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza.” Beka izandla zakho phezu kwekhanda laLo elifayo, uthi, “Nkosi, ngiyisoni, futhi Wangibiza.”

²⁴⁴ “Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi, futhi Ngiyakumvusa ngemihla yokuphela.”

²⁴⁵ “Yebo, Nkosi, ngiyeza. Angiyenzi-lukhuni inhliziyo yami, njengoba benza ekucunuleni, ngiMkholwa ngeqiniso.”

²⁴⁶ Manje-ke Wenzani na? Ukunika ukuPhila kwaKhe, iZoe, ukuPhila okuPhakade. Futhi uma uNkulunkulu ubengasivusa othulini lomhlabathi, lapho esivela khona... Ngabe savela othulini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Yonke into oyibonayo, ivela othulini. Futhi uma uNkulunkulu akwazi ukungenza ngibe yilokhu engiyikho namhlanje, ngingenakuzikhethela; ngoba nje isifiso saKhe kwakungukungenza, futhi anginike ithuba lokubhekana neKalvari futhi ngenze isinqumo sami; futhi ngenza isinqumo sami futhi ngakholwa kuYe; Uyongivusa kakhulu kangakanani-ke! Uma Angenza ngaba yilokhu engiyikho, ngaphandle kokukhetha, ngase-ke ngithatha ukukhetha ngase ngifaka Yena; ngenkathi Ebeka izandla zaKhe ngesingaYe, futhi wazifunga Yena, ukuthi Uyongivusa ngomuhla wokuphela. Ngiyophumula ngiqinisekile.

247 NginokuPhumula, hhayi ngoba ngikhonza ngeSonto, hhayi ngoba ngikhonza ngesabatha. Lokho akuhlangene nakho. Ngikhonza ngoba ngingene ekuthuleni kwaKhe nokuPhumula: ukuthula, ukuphumula, uthando, ukujabula. Makundize izichotho. Ihangela lami liyabambeleva.

248 Unaso lesosehlakalo, kulobubusuku, mngani wami ohlezi lapha kulelitabernakele elishisayo na? Awuzanga ukuzongizwa. Qhabo. Uzela ukuzozwa iZwi. Lalela, mngani wami.

249 Manje uma ungenakho lokho kuPhumula, ungaKuthola khona manje. Awudingi ukuba ukhuphukele lapha ealtare. Hlala khona lapho okhona. Yiba qotho, futhi uthi, “Kristu, khuluma enhliziyweni yami nje. Ngiyazi kuyashisa. Nje ngi—ngijuluke ngimanzi te, nginomjuluko. Ngimubi kabi. Kodwa, Nkosi, qiniso, ngingabe ngijuluka ubuhlungu, okubi ukwedlula lokhu, ngaphambi kwasekuseni.”

Nodokotela anganikina ikhanda lakhe, athi, “Ngukuhlaselwa yinhliziyu. Useshonile.” Bese kuba yini—ke na?

250 Kuyoba njani—ke na? Lapho iNcwadi enkulu isivulwa, kuyoba njani—ke na? Nilizwile leluculo, *Kuyoba Njani—ke na?* “Lapho labo onqabe uMlayezo, bayocelwa ukuba banikeze isizathu, kuyoba njani—ke na?” Kuyoba njanike na? Cabangani ngakho manje, ngokujule ngempela.

251 Sisakhothamisa ikhanda lethu, cabangani ngakho.

Lapho lowo onqaba loMlayezo kulobubusuku,
Ezocelwa ukuba anikeze isizathu, kuyoba
njani—ke na?

Kuyoba njani—ke na? Kuyoba njani—ke na?

Lapho iNcwadi enkulu isivulwa, kuyoba
njani—ke na?

Lapho labo onqaba loMlayezo kulobubusuku,
Uzocelwa ukuba unikeze isizathu, kuyoba
njani—ke na?

252 Baba waseZulwini, lokhu konke sekusezandleni zaKho manje. Nanti iSabatha langempela lilele phambi kwabantu. Nansi iNgelosi kaNkulunkulu, iminyaka embalwa edlule, iqhamise umhlaba wonke. Abagxeki nayo yonke enye into i, zame ukuKugxeka. Kodwa, ngaso sonke isikhathi, Uzifakazise Wena uqobo unguNkulunkulu.

253 Izwe lesayense, izwe lebandla; ngabe baphuphuthekile, Nkosi na? Mhlawumbe ukhona oyedwa phakathi lapha kulobubusuku ongathanda ukuba bemukele ukubona kwabo, ukuba bahambe baqhubeke, futhi bangamlingi uNkulunkulu, njengasezinsukwini zokucunula; angazami ukuMlinga, ngokuba muhle ngeSonto, noma agcine usuku oluthize, noma esivumweni kholo esithize, noma ukuba ngowebandla elithize. Kodwa ongathanda ukuphuma futhi asokwe, ngenhliziyu, futhi emukele uMoya oNgcwele. Futhi bayaMfuna. Ngokukholwa manje,

bazama ukuMemukela enhliziyweni yabo. Bazama ukufumana umusa kuWe, Nkosi.

254 O, bangahle ukuba bakhulume ngezilimi. Bangahle ukuba bamemezile. Basalokhu benalololaka oludala. Basalokhu benaleyohliziyo embi endala. Basalokhu bencetheza futhi bekhuluma, futhi benza izinto abangafanele bezenze. Abakufuni lokho, Nkosi. Kuyoba njani-ke, lapho leyoNcwadi enkulu isivulwa na? “Kodwa,” wathi, “abanjalo abayikungena eMbusweni.” “Ngakho-ke manibe ngabapheleleyo, ngisho njengokuba uYihlo waseZulwini ephelele.” Noma yini esilele ayiyikungena. Ngabe bethemba ngakho konke, kulobubusuku, kobethelwe na? Uma kungenjalo, Nkosi, kwangathi bangaenza lowo “yebo” waPhakade njengamanje.

255 Uthi, “Nkosi, ngi... Akukho-dlingozi, kodwa ngizwa Into ethize nje phansi enhliziyweni yami, leyoNto ethize iyangitshela, ‘Ngingakwenza khona manje, ngomusa waKho.’ Futhi manje ngiyaKwemukela njengoMsindisi oqondene nami. Ngi-nginqaba zonke izinto zezwe, futhi ngifuna ukungena ekuPhumuleni kwakho. Futhi ngikholwa ukuthi ngiyakwenza khona manje. Ngikholwa ukuthi uMoya oNgcwele ungilethela ngqo ukungifaka kuleyondawo.”

256 Ngenkathi onke amakhanda esakhothome. Ngabe ukhona ozwa ngaleyondlela khona manje nje na? Phakamisa isandla sakho, “UMoya oNgcwele manje ungilethela ukungifaka endaweni lapho engingeke ngisancetheza khona.” UNkulunkulu akubusise. “Angeke ngizenze izinto. Ulaka lwami seliphelile. Sengingahlala nokuthula nokujabula nokubekezela, kusukela khona manje. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu ukhuluma kimi khona manje, ukuthi ngingakwenza kusukela kulelihora kuqhubeke, ngomusa waKhe.” Ningaziphakamisa izandla zenu na? UNkulunkulu anibusise. UNkulunkulu akabusise inenekazi eliselincane. Ukhona omunye na? “Manje sengiyakholwa.”

257 NingaMlingi, njengasosukwini lokucunula. Ningacabangi ukuthi ngoba siya esontweni ngeSonto, noma nigcina isabatha. UPawulu wathi, “Nina enigcina izinsuku noma izinyanga, noma okunjalo, nginoval ngani. Umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, futhi kungesiwo umfanekiso impela wento, awusoze wamenza umkhonzi ukuba aphelele.” Kodwa uKristu unenza nipehelele, nipehelele ebusweni bukaNkulunkulu. Ususa isono senu, ususa ukulahlwa kini, uninika uthando lwaKhe nokujabula.

258 Ningangena ekuPhumuleni manje na? Omunye futhi baphakamise isandla sabo, bathi, “Ngikwenzile lokho.” UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane, ngapha kwesokunxele sami. UNkulunkulu abusise indoda ehlezi ngakwesokudla sami. Ukungena ekuPhumuleni kwaKhe, cabangani ngakho njengamanje.

259 Khulekani, “Njengoba nginje, Nkosi, ngingenaso nesisodwa is’celo; angilungile. Akukho engingaKunika khona, kodwa nje eyami endala, edlekile, impilo enesono. Ungangemukela na? Ungihlanze na? Ungikhulule na? Ngoba, ngethembise ukuthi ngizokholwa. O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza. Manje ngiyeza, ngikhulwa ukuthi manje sengedlulile ekufeni ngangena ekuPhileni. Ngoba, khona lapha esihlalweni sami, ngiKwemukela njengoMsindisi wami futhi ngizwa ukuthula enhliziyweni yami.”

260 Abahlanu uphakamise izandla zabo. Angabakhona omunye, ozwa ngaleyondlela, phakamisa isandla sakho? Uma ungesuye umKristu, Memukele njengamanje nje.

261 Uma uzisho ukuthi ungumKristu futhi ungakabi yilolohlobo, usalokhu uyisoni, akunandaba ukuthi mpiloni o—oyenzile, noma uzama kangakanani ukuzenza wena uqobo. Okwenzayo akwemukelwa. Kuyilokho Akwenzile. Ukulunga okungokwakho ngeke kwemukelwe. Uma uyeka ukubhema ngenxa yokuthi nje uthi, “Awu, kungcono ngiyeke ukubhema ngoba ngizisho ubuKristu.” UNkulunkulu akakwemukeli. Uma uyeka ukukhanukela abesifazane, ngenxa yokuthi nje uzenza wena ukuba ukwenze, uNkulunkulu akakwemukeli. Lokho kuyinto eyenziwa nguwe. Lokho yimisebenzi. Ngumusa okusindisayo. Ngabe uNkulunkuu usezile kuwe futhi wakhapha yonke into kuwe na? Leyo yinto elandelayo.

262 Wena uthi, “Ngajoyina ibandla, futhi ngakho ngadingeka ngiziyeke lezizinto.” UNkulunkulu akakwemukelanga lokho, akukho ongakunikela. Wemukela kuphela lokho okunikezwa nguKristu. Ukunika ukuPhila okuPhakade, futhi akuthathe kuwe. Ungakwemukela na?

...phandle kolunesichotho, ulwandle
oludlangile,
Woza, ugxilise umphefumulo wakho
okwehange esikhoselweni sokuPhumula,
Bese uthi, “Othandiweyo wami ungowami.”
Ngigxilise umphefumulo wami okwehange...

Kulungile, usungaliphakamisa ikhanda lakho. Umlayezo usuphelile manje. Asikhonze nje manje.

Angisayikuphinde ngigwedle olwandle
oludlangile;

Isiphepho singashwibeka phezu koludlangile,
utwa olunesichotho,
KuJesu ngiphephe njalonjalo.

263 Wonke umuntu manje, ekukhonzeni.

Ngigxilise umphefumulo wami okwehange
 esikhoselweni sokuPhumula, (iSabatha)
 Angisayikuphinde ngigwedle olwandle
 oludlangile;
 Isiphepho singashwibeka phezu koludlangile,
 utwa olunesichotho.
 KuJesu ngiphephe njalo njalo.
 Khanya kimi, . . .

Zidedele nje. Vala amehlo akho. Uyawuzwa lowoMoya
 omnandi na? Lokho ngukukhonza. Umlayezo usuphelile. Lokhu
 ngukukhonza.

UkuKhanya okuselambini lolwandle
 makukhanye kimi,
 Khanya kimi, O Nkosi, khanya kimi,
 O ukuKhanya okuselambini lolwandle
 makukhanye kimi.

²⁶⁴ Bangaki ozizwa ekahle ngempela na? Phakamisa isandla
 sakho. Lowo omnandi, umoya ozithobile, yiloWo-ke.

Ukufana noJesu, nje ukufana noJesu,
 Emhlabeni ngilangazelela ukufana naYe;
 Yonke indlela yokuphila ukusuka emhlabeni
 kuya eNkazimulweni,
 Ngicela kuphela ukufana . . .

Khonzani nje.



INCWADI YAMA HEBERU

Lemi Layezo eyishumi nanye ngo Mfowethu William Marriion Branham okokuqala yethulwa kusukela ngoAgasti 21 kuya kuSeptemba 22, ngo 1957, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., ithathwe ekuqopheni kweteyipu enobuzibuthe futhi yashicilelwa ingafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2011 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org